# ANGIKUTHUMANGA NA?

Ngiyabonga, mfowethu. INkosi ikubusise.

2 Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukuba lapha, kulobubusuku, kuleli elihle, elincane, ibandla elibukeka linethezekile. Futhi—futhi ngakho ngiqinisekile ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, futhi U—Ujwayelene naso sonke isixuku, ngakho siyajabula nje ukuba lapha ukuba sihlale ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sithokozela lenhlanganyelo emangalisayo.

3 Ngakho si, funa ukumemezela ukuthi kusasa ebusuku manje yi, i—ingqungquthela iqala kusasa ebusuku, ngale eRamada. Ngicabanga ukuthi ihholo elikhulu likhona lapho ne. . . Yebo, mnumzane. Futhi wonke umuntu ongakwazi, aphumele kuzo zonke izinkonzo. Ngiqagele uMfowethu Williams wedlule kukho, enqubweni, futhi washo konke okwenzekile, konke okwenzekile, nokuthi kuzokwenzekani, ngokwazi kwakhe ukuthi kuzokwenzekani. Isizathu ngezinye izikhathi kulemihlangano, kukhona okwenzekayo esingakwazi, asazi nje, siya ngaleya sifuna into ethize ezokwenzeka. Futhi isikhathi sokugcina impela saba nenhlanganyelo emangalisayo laphaya eWestward Ho, ngikholwa ukuthi yayibizwa ngokuthi, iWestward Ho.

4 Futhi manje, njengoba ngiqagela kumenyezelwe, ukuthi kusasa ebusuku uMfowethu Oral Roberts othandekayo uzobe ekhuluma, kusasa ebusuku, iNkosi ithanda. Futhi kuzoba nabanye abaningi lapho, futhi nizozwa izikhulumi ezinkulu, abanye bosomabhizinisi, abefundisi abavela macala onke. Kulukhuni ukwazi noma yisiphi sezikhulumi esikhangisiwe ngaphandle kukaMfowethu Gardner, futhi ngiyamazi uMfowethu Velmer Gardner. Futhi ngakho-ke, sebenakho manje kuze kube nguMsombuluko ebusuku, ngakho-ke silindele nje elikhulukazi, ijubili lomoya lokudla okumnandi, ngakho—ngakho si, siza futhi sizitike ngezinto zeNkosi.

5 Futhi manje, ngicabanga ukuthi kuzoba wunkatho lwami ngeSonto, noma, okwesidlo sasekuseni sangoMgqibelo ekuseni, nangenkonzo yangeSonto ntambama, futhi kanjalo, ukukhuluma.

6 Manje, ngifuna ukusho ukuthi lesi kube ngesinye sezikhathi ezinhle kunazo zonke engake ngaba nazo ePhoenix. Ngokwejwayelekile, lapho ngisePhoenix ngifika nje, mhlawumbe, ngiye endaweni eyodwa, kodwa ngalesisikhathi, ngicabanga ukuthi lokhu cishe okwesithupha noma okwesikhombisa, mhlawumbe izindawo eziyisishiyagalombili engike ngaba kuzo, ukuzungeza ukudabula eSalt River,

isishiyagalolunye, izindawo eziyisishiyagalolunye ebengikuzo, izindawo eziyisishiyagalolunye ezehlukene, lokho ngabefundisi abayisishiyagalolunye abehlukene ukuba kwaziwane nabo, ubaxhawule, futhi ube nenhlanganyelo nezinhlangano ezehlukene.

7 Ngani, ngokwejwayelekile lapho ngingena, ngani, abazalwane, bahlezi benomoya omuhle kakhulu, futhi badedele amabandla abo futhi bangene. Ngicabanga ukuthi kuhle ukuba—ukuba, ikakhulukazi, abavangeli abangenayo, futhi—futhi bafake isikhathi sabo ukuzama ukusiza ibandla ngalinye, bese-ke kube ukuhambahamba futhi uvakashele amabandla kanjalo, ngoba umelusi uhlala ethanda ukubambisana, nabantu babo bayafika futhi bathole, mhlawumbe, bakhulekelwe, noma kukhona okwenzekile, noma omunye athole ukusindiswa, futhi khona-ke uyamazi umuntu, abefundisi abehlukene bathi, "Awu, loMfowethu u*S'bani-bani*, uma ukulesosifunda, ngani, hamba uye kuyo ngqo, indoda emangalisayo kaNkulunkulu, kade ngisebandleni layo."

8 Futhi niyazi, ngi—ngiyakuthanda lokho, ngicabanga ukuthi sithola ukwazana kakhulu omunye nomunye, futhi ngoba sizoba nePhakade ukuba silichithe omunye nomunye, ngakho-ke singahle futhi sazane ezansi lapha futhi sazi ukuthi kunjani.

9 Futhi ngakho—ngakho khona-ke, phezulu lapho, into eyodwa enhle nokho, Mfowethu Melusi, ngeke nje sibe nohlobo, asizukuba nomhlangano womkhuleko, qhabo, ngeke sibe nezinkonzo zokuphulukisa, kodwa si...futhi asizukuba namkhawulo wesikhathi, ngakho, futhi ngokuvamile ngishumayela amahora ayisithupha noma ayisishiyagalombili kuphela ngesikhathi, mhlawumbe ngezinye izikhathi, ngakho-ke ngingaqhubeka nje, niyazi.

10 O, ngifuna ukukhuluma nalabo engashumayela kubo ngaleyonkathi! Ngangivame ukutshela abantu ukuthi ngingathanda ukuba okungenani nesikhathi seminyaka eyinkulungwane nomunye ngamunye. Niyabo? Bese kuthi-ke, lapho sengiqedile...Futhi khona impela ezinkonzweni zethu ezincane, ukuthi nje ngiyazi, bekukude le cishe ezigidini ezimbili noma ngaphezulu abaphendukele kuKristu, futhi akungabazeki, abambalwa balabo bazokwenza noma kanjani. Futhi ngakho, ukuhlala phansi nje, mhlawumbe, sithi kuzoba nekhulu labo, bukani ukuthi iminyaka eyikhulu yeminyaka eyinkulungwane ibiyoba yini, ukujwayelana nabantu engibaholele eNkosini. Futhi khona-ke niyazi, lapho sengiqedile, a—angizukuba nokukodwa ngaphandle kokuncinyane, isikhathi kunoma ngenza ngenkathi ngiqala. Niyabo?

11 IPhakade aliqali neze, alipheli neze, niyabo, alikaze libe nesiqalo, alikaze libe nesiphetho, ungeke walichaza. Kodwa noma yini eyayinesiqalo inesiphelo. Ngakho uthi,

"Kuthiwani ngathi, Mfowethu Branham na?" Awu, inqobo nje uma ungumuntu wemvelo wasemhlabeni lapha, waba nesiqalo, kodwa uma uzalwe eZulwini, uyingxenye kaNkulunkulu, khona-ke lowomoya awuzange ube nesiqalo, ngoba uyingxenye kaNkulunkulu, uPhakade. Yileyondlela kuphela ongake uphile ngayo kuze kube-phakade, ngukuba nokuPhila okuPhakade, kunjalo, ukuPhila okuPhakade.

12 Kodwa noma yini eqalayo inesiphetho, ngakho uma ubungenasiqalo, ukuphela...Niyabo, lapho uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha ngoMoya, angengene eMbusweni, akekho ongangena," ngoba ufanele ube nalokho kuPhila okuPhakade.

13 Manje, kusobala anginjalo, kul'khuni ukuthi ngikwazi ukukhuluma isiNgisi nokwazi, ngitadishe igama noma amabili ngenkathi ngikuthola, ngibone ukuthi bekuyini eBhayibhelini, isiHeberu nesiGreki, kodwa igama lesiGreki lapho lokuPhila okuPhakade liyigama elifanayo elisetshenziselwa ukuPhila kukaNkulunkulu, lipelishwa ngokuthi Z-o-e, *Zoe*. Futhi lowo onokuPhila okuPhakade yiZoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo. Lokho kukwenza indodana yaKhe uQobo noma indodakazi, niyabo, ngoba uzelwe nguYe, UkuPhila kwaKhe kukuwe, futhi ungeke usabhubha kunoma uNkulunkulu engabhubha. Ngakho unokuPhila okuPhakade futhi, "Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela," uNkulunkulu washo. Akumangalisi lokho na? Mm! Mm!

14 Bengicabanga, ngenkathi uNkulunkulu, ekuqaleni, Wakhuluma futhi Wathi, "Makube-khona," futhi, "Makube-khona," futhi kwaveza izimbewu, yonke into ngenhlobo yayo, ungabhastela, kusobala, futhi ukuphendule, njengoba ngashumayela lapha ePhoenix ngesinye isikhathi ngokuthi, ngiyakholwa, i*Nkolo Ebhasteliwe*, ukuthi bazama kanjani ukuyizalanisa nehlelo, esikhundleni sokuyivumela ibe njengoba yayinjalo, kodwa uvumela i—uvumela i—ibhastela, noma yini ebhasteliwe ingeke ibuye izizale.

15 Ngakho lapho umuntu ekutshela, nani bantwana niya esikoleni, futhi bathi sivela engqamuzaneni elilodwa, nesayense ephathelene nenkambo elungileyo kaDarwin, a—akazi nje ukuthi ukhuluma ngani, niyabo, ngoba uthatha ihhashi ne—ne, uthatha i, awu, ngithi imbongolo nensikazi, futhi bane—ithole. Ngu—ngumnyuzi, kodwa lowomnyuzi ungeke uzale komunye umnyuzi futhi ube nomnyuzi, uphelela khona lapho.

16 Ummbila obhasteliwe, ubungabhastela ummbila, bese kuthi-ke ubungatshala lowommbila, ngeke kube yilutho, niyabo, ngeke kube yilutho, kuzofanele kubuye.

17 Ngakho kungenzeka kanjani-ke, uma siqala ngenguqunguquko yemvelo engqamuzaneni elilodwa, khona-ke sikuphi na? Niyabo? Ucwaningo lwabo uqobo lwesayense

luyafakazisa ukuthi banephutha. Niyabo? Niyabo, ungeke wakwenza. Ungazalanisa umbala onkankane ol'hlaza s'bhakabhaka nombala onkankane omhlophe, uthola umbala onkankane wase-Afrika kodwa nje iyekele kuyo, futhi izobuyela ngqo emuva ngqo kumbala onkankane ol'hlaza sibhakabhaka wasekuqaleni. Kunjalo. Niyabo? Ngeke kukwenze.

18 Ngakho ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma futhi wenza umuntu, nomphefumulo womuntu walahleka, wona ngokoqobo...Noma yini engaphandle kwalokho, ukujoyina ibandla nanoma yini ukubhastela, ufanele ubuyele kukho, uNkulunkulu uzofanele akhulume aphendule ngeZwi futhi, lokho kukwenza ukuPhila okuPhakade. Lapho uNkulunkulu ekhuluma ukuPhila kuwe, khona-ke lokho kuPhakade futhi, kodwa kuze kube yilokho, yisimo esibhasteliwe, niyabo. Ngakho udeveli wazixubanisa nakho futhi waxubanisa, wazama ukuxubanisa ukukholwa nento ethize, ukungakholwa ndawonye, ngakho kwenza okubhasteliwe, niyabo, futhi, kodwa lapho uNkulunkulu ekhuluma futhi abeke uMoya oNgcwele phakathi lapho futhi akubeke uphawu, kuPhakade.

19 Kwabase-Efesu 4:30 kuthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu," hhayi ibandla likaNkulunkulu elingcwele, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, "enabekwa uphawu ngaye kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu." Nophawu lumele umsebenzi osuqediwe.

20 Akukho lutho olubekwe uphawu...Njengoba ulayisha inqola kaloliwe, uqala ukulayisha inqola kaloliwe, ngangivame ukusebenza kwaloliwe, futhi sasilayisha enqoleni kaloliwe izinto ezehlukene, kodwa umhloli ufika ngapho kuqala, kuzofanele kwedlule inqwaba yemigwaqo emagebhugebhu, uma kukhona noma yini exegayo, angeke ayinamathisele ngophawu, ize leyomoto ilayishwe *kakhulu* futhi ihleli ngqi kuze kungabibikho lutho olungayinyakazisa, bese-ke evala umnyango bese ewunamathelisa ngophawu, futhi lungeke lwephulwa ize ibe sesiphethweni sayo. Kunjalo nje.

21 UNkulunkulu uyafika futhi athole inqwaba yobuwula kithi, Akakubeki uphawu nje okwamanje, ubona inqwaba yokungakholwa, Akakubeki uphawu nje okwamanje, kodwa lapho konke sekulayishwe ngeVangeli eligcwele, khona-ke Ukunamathisela ngophawu, kunjalo, ukunamathisela ngophawu kuze kufike eSiphethweni sakho. Akamangalisi na?

22 Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi ngingomunye wenu. Futhi mina, ngenkathi ngisengumfana, ngangifuna njalo abantu bangithande, ngangingumuntu ongathandeki, ngangiwuhlobo lwalokho okubizwa ngemvu emnyama emndenini. Bonke babephuza, niyazi, kodwa mina njalo, njengoba niwufundile umlando wempilo yami, akungabazeki, kwakukhona into ethize eyangitshela ukuthi

kwakukhona uNkulunkulu ndawondawo, ndawondawo, ukuthi ngiyolokhu ngizwa iPhimbo neNto ethize ingibiza.

23 Futhi emndenini ngangiwuhlobo lwesilahlwa, ngaya esikoleni, ngendlela efanayo, ngoba ngangimanikiniki kakhulu wonke umuntu wahlekisa ngami. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngiba ngumfundisi, ngakholwa ukuthi leloZwi laliyiQiniso, khona-ke ngangingumlahlwa ebandleni lami leBaptisti, bathi, "Uyoba ngumgingqiki ongcwele ngolunye lwalezizinsuku." Niyabo? Ngakho-ke lapho sengithola ukuthi kwakukhona umuntu owakukholwa konke njengoba ngenza, kwakufana nje nokubeka iglavu esandleni, kwanele nje ncamashi. Ngakho manje-ke, Wathi, "Uma uzoshiya konke futhi uNgilandele, ngizokunika omama, obaba, abafowenu, odadewenu," kanjalonjalo, "nokuPhila okuPhakade." Ngakho ukuza phakathi kwenu ngalendlela, ngiyanithanda.

24 Manje, ngezinye izikhathi ngishumayela kanzima impela ngoba ngi—ngiyabona ukuthi, omunye umuntu ephuma emgqeni, niyabo, nifanele nikwenze lokho. Ubaba wangempela uzokwenza, ngani, uyokunyakazisa futhi athi, "Lapha, buyela lapha emgqeni," uma engowangempela, ubaba weqiniso. Ngakho ngesinye isikhathi umelusi wakho uzofanele agxambuzele phansi entweni ethize, mthande nje kakhulu kangako, ngoba ungubaba wangempela kuwe, niyabo, ezama ukukugcina usemgqeni, ngoba uqaphele umphefumulo wakho, uMoya oNgcwele omenze waba ngumbonisi webandla. Futhi ufanele njalo ukubhekisise lokho.

25 Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzobusisa lelibandla elincane, futhi kwangathi lingakhula futhi liphumelele, kwangathi abashumayeli abaningi abakahle bangaphuma kulelibandla futhi baye emasimini ndawo zonke, kwangathi igama lalo lingafi, ngumkhuleko wami. Kwangathi uNkulunkulu angabusisa umelusi walo, abadikoni balo, abaphatheli balo, nokuzihlanganisa kwalo, noma ngabe kuyini, kwangathi uNkulunkulu angaba nani nonke, nawo onke amalunga alo, njengoba nisebenza kanzima futhi nisebenza ndawonye. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzosebenza nani, eqinisa iZwi ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga ukulandela amakholwa akholwa yiZwi, elishunyayelwe kuwo wonke lomsamo lapha. UNkulunkulu akubusise.

26 Manje, sengithe ukusha izwi kancane. UMfowethu Williams usanda kunginika ukukamisisa. Ngimtshelile ukuthi benginakho, futhi bengiya e-Ajo namadolobha ambalwa kusasa. Ngizama ukuthola indawo engizothuthela kuyo, phandle lapha e-Arizona, ukuhlala phandle lapha. Bese kuthi-ke ekuzeni e-Arizona, bengingeke ngize. . .Nomfowethu oligugu, ngokunye ukusa, emva kokuba ngishumayele ngokuthi *INzalo yaseBukhosini*. . .Manje, angisuye umthengisi wamateyipu, nonke niyakwazi lokho, kodwa umfana ngapha uneteyipu.

Manje, noma ubani onesiqophamazwi, ngifisa nina, uma ningakwazi, nithole leyoteyipu ethi *INzalo yaseBukhosini*, okweSonto eledlule ekuseni.

27 Futhi uMfowethu Fuller, waphuma e, waphumela epulpiti emva kokuba sengihambile, futhi watshela abantu ukuba bangitshele, ngiyeza, ngingamele ibandla lakhe, yena nomkakhe bayoba umlindi-ndlu. Awu, lokho bekukuhle kakhulu. UMfowethu—Mfowethu John Sharrit nebandla lakhe, amadoda . . . Kodwa angi . . . Mina, ukuba bengingeza ePhoenix, qhabo, mnumzane, bengingeke ngiqale-bandla. Qhabo, mnumzane. Lokho akukho kimi, niyabo, ngoba uma uqala ibandla, u . . .

28 Niyabo, akusiwo umqondo wami ukuqala ibandla, kungukusiza lokho osekuvele kuqalile, niyabo. Uma ngiza ePhoenix, ngiyisithunywa senkolo, ngingena ngiphuma emhlabeni jikelele, ngaso sonke isikhathi, bengiyo, umelusi angimeme, ngiyoba lapha ngeSonto elilodwa ukumsiza, nangeSonto elilandelayo ngale ukusiza umfo olandelayo, futhi ngeSonto elilandelayo ngale ukusiza umfo olandelayo, ndawo zonke nje ebengingakwazi uku—ukufaka, futhi ngikwenze kube kuhle kuwo wonke umuntu, niyabo, onke amahlelo nakho konke, ukuhlanganyela.

29 Futhi ngingahle- . . . ngihlale ngifuna ukuza entshonalanga, futhi mina, mhlawumbe . . . Isibopho sokugcina esangibopha empumalanga kwakungumama wami osanda kuya eKhaya ukuba abe noJesu emavikini ambalwa edlule, nomama womkami cishe sekwedlule unyaka. Ngakho manje sobabili siyizintandane, singenababa noma umama kulomhlaba, sebehambile ukuba babe neNkosi yethu. Futhi sihlela ukuthi, mhlawumbe, iNkosi ithanda, siza ngasentshonalanga ukuzohlala. Sikhulekeleni.

30 Manje, manje, e, ngaphambi kokuba sisondele eZwini . . . Ngifuna ukufunda okunye kweZwi, kulobubusuku, futhi nje ngikhulume isikhashana. Futhi kambe, sengikhohliwe, ngabe uBilly uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Uwakhiphile, ya. Kulungile, Mnumzane. Lokho ku—lokho kuhle. Khona-ke sizo . . . Kuzoba yindawo encane yomhlangano womkhuleko, kodwa ngibe nakho lapho, omunye wathi, omunye, kanje, njengomelusi ngesinye isikhathi, ngesinye isikhathi lapho benebandla elincane, mhlawumbe lihlalisa ikhulu noma amabili, bathi, "O, Mfowethu Branham, ibandla lami belilikhulu ngokwenele nje!" Likhulu kakhulu, iNto kuphela ofanele ube nayo yiZwi nje elivela kuNkulunkulu, niyabo, yilokho kuphela, akunandaba ukuthi kukuphi.

31 Angilokothi ngivumele imihlangano yami ibe mikhulu, ngoba lapho wenza, noma esinye isibopho somsakazo, itelevishini, noma okuthize, noma ezinye izincwadi, noma

ezezindaba, noma okuthize, lapho ukwenza, ngayo leyonkathi uzibophela phansi. Ngifuna ukuba lapho engingadingeki ukuba ngibe nemali, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Futhi a—angidingeki ukuba ngibe nemali, nendawo ingeke yathola ukuba ncane kakhulu, uma kusemhlanganweni womkhuleko wasekotishi, lokho kuhle.

32 Ngibambe imvuselelo, maduze nje, lapho ibandla, lagcwele phama ngokuphelele, lahlalisa abantu abangamashumi amabili, kunjalo, abantu abangamashumi amabili. Manje, ukuba bengikade ngibe nenkulukazi—into ethize enkulukazi, mhlawumbe ngifanele ngibe nezinkulungwane eziningana zamadola ngosuku, bengingeye endaweni enjengaleyo futhi ngenze lokho, niyabo. Kodwa ngiyakholelwa ekuholweni nguMoya oNgcwele, nomaphi lapho Ekuholela khona, akunandaba.

33 Futhi ngiye phesheya kwezilwandle, eBombay, eNdiya, ngashumayela ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu ngesikhathi esisodwa, eNingizimu Afrika, izinkulungwane ezingamakhulu amabili noma amathathu, phandle le, unga . . . Uthi, "Uyithola kanjani imali yokwenza lokho na?" Awu, uma uNkulunkulu engithuma, njalo Uthumela umuntu othize nemali nayo, niyabo, ngakho U . . . Sifanele siphile ngokukholwa, niyazi. Ngakho kungukuphila okukhulu, impilo yokukholwa, akunjalo na? Mkholwe nje.

34 Futhi—futhi ngithi eminye yemihlangano eyedlula yonke engake ngaba nayo bekungamabandla amancane kakhulu kunaleli, futhi kunjalo, lapho nje sihlangana ndawonye futhi sibe nenhlanganyelo, noMoya oNgcwele uyehla, futhi yilapho ukuPhila kuzalwa khona. E-hhe. Kunjalo. Kunjalo, impela kunjalo.

35 Asikhothamise amakhanda ethu manje njengoba, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe. Ngesizotha manje, emva kokuba sesizwa sengathi sesiyazana futhi sithi ukwazana, uma kukhona isicelo lapha, kulobubusuku, eningathanda ukuba nginikhulekelele sona, ngethile *into ethize-enye*, ungaliphakamisa nje ikhanda lakho, noma, isandla sakho, njalo, futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise. Nje nxazonke, uBaba waseZulwini uyabona.

36 Manje, Nkosi eyigugu, Nkulunkulu uSomandla, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, Owabuye wavusa Ofileyo ngenkathi Evusa uJesu Kristu kwabafileyo, sijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi Akasafile, kodwa uphila kuze kube phakade. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ifikile futhi yahamba, futhi nokho si—sinaYe kulobubusuku, eyikho ngempela nje njengoba Ahamba wangena eGalile ngezinsuku zaKhe. Siyazi nje kalula

ukuthi Uvukile kwabafileyo, Ezazisa kithi esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi sibonga kakhulu ngalokho, Nkosi.

37 Futhi ukubona, khona manje, kulolusuku olubi esiphila kulo, lapho abangakholwayo no—nososayense, kanjalonjalo bazama ukusika basuse lona impela inani leZwi, nokho uNkulunkulu uhlala eZwini laKhe. Futhi siMbona ezibonakalisa Yena uqobo, Ezenza aziwe nje ngokucacile nangokusobala kithi, sibonga kakhulu ngalokho, Nkosi. Nokwazi . . . Ukuba-ke besiphumile kulobubusuku, siphumile eMkhunjini, futhi besingazi nje ukuthi besikuphi, imiphefumulo ezulazulayo njengegwababa eladedelwa emkhunjini na? Wayenelisekile ngokuphila phezu kwezidumbu ezifile ezazisantanta phezu kwamanzi nokho. Kodwa njengejuba elincane ladingeka lithole indlela yalo yokubuyela emkhunjini futhi lingqongqoze emnyango, noma, iwindi, kwaze kwathi uBaba uNowa walingenisa, futhi sijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi uBaba uNkulunkulu usingenise kuloMkhumbi.

38 Futhi, kulobubusuku, thina ngokuphephile, siphumule ngokuphelele ekubuyisaneni iNkosi yethu eyasenzela khona, sazi lokhu, ukuthi nxa kufika izahlulelo, ukuthi siyontanta ngaphezu kwezahlulelo. Siyokhishwa ezweni futhi asiyikumela ukwaHlulelwa, ngokuba iNkosi yethu yasethembisa kuJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

39 Hhayi umphefumulo ozulazulayo lapho sifa, siseBukhoneni bukaNkulunkulu. Hhayi ukuzulazula ePhakadeni elingapheli, ulahlekile, ukwazi ukuthi sifanele sibuyele emuva futhi sahlulelwe ngokwemisebenzi eyenziwe emzimbeni, kodwa, Baba, kulobubusuku sikuxazululile lokho e-altare, nezono zethu zihambe phambi kwethu, futhi salungisiswa ngeGazi likaJesu Kristu, ngobufakazi bakho, uNkulunkulu wabuye wathululela uMoya oNgcwele phezu kwethu, futhi sesibekwe uphawu manje eSiphethelweni sethu saPhakade.

40 Sinezidingo, Nkosi, njengoba sidabula ezweni, lomzimba usengowenyama, usalokhu uzalelwa esonweni, ngoluny'usuku uyozalelwa kuNkulunkulu, kodwa namhlanje uzalelwe esonweni. Futhi siyazabalaza njengoba sihamba sidabula kulobubumnyama, izwe elihwaqabele, sibuka Phezulu lapho kuphela ukuKhanya okungavela khona. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzokhumbula ngamunye walabobantu abaphakamise izandla zabo, kusukela komncinyane kuya komkhulu kunabo bonke, kusukela komncane kunabo bonke kuya komdala kunabo bonke, phendula, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobapha izicelo zabo.

41 Futhi manje, njengoba siphenya amakhasi eNcwadi, noma

ubani ongakwazi, unamandla ngokomzimba angawaphenya amakhasi, kodwa akekho ongaLivula ngaphandle kwaLowo owahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe. Sibona iNcwadi ithathwa esandleni saKhe ohlezi esiHlalweni sobukhosi. IWundlu lalikwazi ukuYithatha nokuvula iNcwadi nokuqaqa izimpawu zayo, ngakho siyakhuleka, Wundlu eliKhulu likaNkulunkulu, woza phakathi kwethu, kulobubusuku, njengoba sifunda iZwi, Livule ezinhliziyweni zethu ukuba lisinike ukukholwa kohambo olungaphambili. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

42 Manje, abantu abaningi bayathanda ukuthi ukufunda indikimba kanjalonjalo, njengoba siLifunda, futhi ngibhale phansi ezinye izindikimba kanjalonjalo, njengokwejwayelekile. Futhi, kulobubusuku, ngifuna siphenye kubaHluleli, isahluko 6, futhi sifunde imizuzwana embalwa. Futhi kusasa ebusuku kungukuqala kwengqungquthela, ngi—ngizozama ukunganigcini kodwa isikhashana nje kulobubusuku, khona-ke sizokhulekela abagulayo, bese-ke sihamba, futhi silungele ikusasa ebusuku. Abanye bamile, futhi ngiyazi ukuthi kul'khuni ukuma.

43 Ngihambile ukuyofaka imoto yami amafutha angugrisi kulentambama, umfana ubenensa kakhulu kuthathe cishe amahora amathathu. Futhi be—bengivuna, ngiqagele ngalokho ebengikutshala, ngokugcina abantu bemile isikhathi eside kakhulu. Ngakho-ke ngaqala ukukhononda, ngase ngivele ngithula nje ngenkathi ngicabanga ngakho, ngakho ngacabanga, "Qhabo, bebe, benzile, abakaze basho lutho, nami ngeke. Ngakho ngavele ngakuyeka nje."

> *Ingelosi yeNkosi yabonakala kuye, yathi kuye, INkosi inawe, wena qhawe elinamandla.*
>
> *UGideyoni wathi kuyo, O Nkosi yami, uma iNkosi inathi,...pho...pho kungani konke...*kus*ehleleleni konke na?...zikuphi zonke izibonakaliso zakhe obaba abasitshela ngazo, bethi, INkosi ayisikhuphulanga yini e*Gibhithe na? kepha manje iNkosi isilahlile, yasinikela esandleni sabakwaMidiyani.*
>
> *INkosi yambheka, yathi, Hamba ngalamandla akho, wena usindise u-Israyeli esandleni sabakwaMidiyani: angikuthumanga na?*

44 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo kulamaZwi. Manje, sonke sijwayelene nomBhalo engisanda kuwufunda, nonke, ofunda iBhayibheli. Kwakuyisikhathi sabahluleli, lapho kwakukhona i, awu, uhlobo lwesikhathi phakathi, kusukela emakhosini, uNkulunkulu ubenabehluleli, futhi kwakukade kukhona abehluleli abaningana. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho i...uNkulunkulu wayeqondisa abantu, bonke babezama uku—ukuhamba benza kahle emva kokuba Wayezothumela

ukwahlulela noma okuthize, bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, bayowa futhi. Kungokwemvelo nje ukuba abantu benze lokho, kungubuntu nje kubo ukuba bakwenze, bawe. Futhi—futhi ngokushesha nje lapho bewa, khona-ke ukwahlulela kukaNkulunkulu kuyangena ngqo futhi. Niyabo? Ungeke wenza okungalungile futhi uzedlulele, ngoba uNkulunkulu ulungile.

45 Manje, Yena nj- . . . Yena, ukuze abe nobulungiswa, Ufanele—Ufanele agcine imithetho yaKhe, nomthetho ngaphandle kwenhlawulo awusiwo umthetho. Niyabo? Uma kukhona i—irobhoti lakudala phandle lapha esitaladini, nalokho kuthi "Yima," lowo ngumthetho kuwe ukuba ume, bese kuthi-ke uma wedlula kukho nomthetho awunanhlawulo, khona-ke awusesiwo umthetho, niyabo, bekungafanele ngisho ukulenga lapho.

46 Futhi uma uNkulunkulu eqala ukuvayizelisa into ethize phambi kwakho futhi akutshele ukuthi wenza okungalungile, futhi wephula lowomthetho kaNkulunkulu ukwexwayisa, khona-ke inhlawulo izokhokhwa, ufanele nje ukwenze. Ufanele ukwenze, ufanele ukhokhe inhlawulo. "Futhi inkokhelo yesono ngukufa." Ngakho uma umuntu ephula umthetho kaNkulunkulu futhi ngokuqhubekayo ufanele akwenze, khona-ke ungamsoli uNkulunkulu uma kwenzeka okuthile kuwe. Niyabo? Uma ulahlekile, ungeke uthi, "Awu, bekuyiphutha likaNkulunkulu."

47 Bengihlale ngisho lokhu, ukuthi umuntu ufanele alwe ngokwangempela indlela yakhe eya esihogweni, angeke aye esihogweni kalula. Qhabo, unesikhathi esinzima sokungena esihogweni, kodwa ngempela ulwa indlela yakhe aqhubekele kuso ngqo.

48 Niyakhumbula, bafana, usikilidi omncane wokuqala wosilika wommbila enawubhema na? Niyazi ukuthini? UMama wathi, uyazi, wawesaba ukuthi uMama wakho wayezokuhogela emoyeni wakho, ngakho-ke wathola ikhofi futhi uyalidla, noma into ethize lapho, uyazi, uku—ukukugcina kungahogelwa, Umama wathi, "Ake ngihogele umoya wakho." Niyabo?

"Mama, akukho lutho olungalungile ngami."

49 Yini into yokuqala na? Ngenkathi uqamba amanga lawomanga okuqala, ilambu elibomvu liqala ukubaneka, "Mtshele iqiniso. Thembeka, mfana omncane, uMama wakufundisa ukwenza lokho." Kodwa, niyabo, ulwa indlela yakho ngqo udlule kulowomgoqo nelambu elibomvu. Niyabo?

50 Uyakhumbula okokuqala udlala ngentombi yakho na? E-hhe. Uyakhumbula okokuqala wa—waba luhlaza kumkakho, unkosikazi waba luhlaza kumyeni, noma into ethize efana naleyo na? Khumbula okokuqala uzwa lelohubo luhutshwa ebandleni neNto ethize ishaya enhliziyweni yakho, futhi wavele wazithintitha wase ufulathela na? "Ngizokwenza ngesinye isikhathi."

51 Onke lawo amalambu abomvu, niyabo, niyabo, futhi nje uhamba ngqo uweqe, izexwayiso, "Ungahambi ngendlela ohamba ngayo mfana omncane, ntombazanyana, buyela kiMi, NginguMdali wakho," kodwa uhamba ngqo udlule kukho.

52 Ungeke walindela lutho olunye, ungakubeki kuNkulunkulu. Uma ugijima udlula kulelolambu elithi yima phandle lapho ungasho ukuthi, "Idolobha yilo elimelwe lisolwe." Qhabo, mnumzane, nguwe iphutha. Lelolambu elithi yima lilapho ukuvikela wena, nokusiza wena, futhi ufanele ulilalele. Futhi khona-ke akusilo iphutha ledolobha, yiphutha lakho, ngoba ubufanele ume ngenkathi kuvela isexwayiso.

53 Futhi lapho uzwa lokho kububuza okuncane phansi enhliziyweni yakho kukwexwayisa, khona-ke kungcono ume khona lapho bese uthatha uhlu lokuqukethwe. Njengoba ngangi, kade ngishumayela ubusuku bonke ngabantu beshushumba besuka kuNkulunkulu, lapho uzwa iZwi, ubuye ngqo, eZwini likaNkulunkulu ngempela. Kukhona ukuncenceza okukhalayo okuncane, kungcono ukulalele. E-hhe. Manje, ungahambi unqamule kulokho, ngoba awusoze waqhubekela phambili uze ubuyele ngqo lapha lapho owaMshiya khona.

54 Uyo. . . Lapho oshiya khona uKristu, ngokwehluleka ukulalela iZwi laKhe, khona lapho Uzokushiya, noma, awushiy-. . . Akakushiyi, wena ushiya Yena. Niyabo, njalo ushiya—shiya Yena, ngoba Ukufake endleleni yezinyawo, Uzama ukukuhola, kodwa uyabo, lapho uMshiya, khona-ke ufanele ubuyele emuva ngqo lapho oMshiye khona, ukuba uqale futhi.

55 Nganginomngane ongumfundisi wasemasosheni owayengitshela ngodaba eMpini yoMhlaba yesibili. Kwakukade kukhona u—ukaputeni owayekade edutshulwe ngomshini nge—nge, ngiqagele cishe usayizi womshini-gani i .50, wayesikeke esifubeni sakhe, futhi waye—wayefa. Futhi lomfundisi wasemasosheni wabizelwa kuye, bamtshela ukuba aphumele ethendeni, babesanda kumqukula nje, ethendeni lasesibhedlela, ukuthi wayefa. Wayengeke aphile, wayesevele esikwe ngezinhlamvu futhi wayengasakwazi ukuphila, wayopha ngaphakathi.

Futhi ngakho, umfundisi wasemasosheni wathi wangena endodeni, lapho eyayikhona, futhi wathi, "Kapteni, ngabe u—ungumKristu na?"

Wathi, "Ngangivame ukuba nguye."

Futhi wathi, "Wawuvame ukuba nguye na?" Wathi, "Ngani, ufanele ube nguye manje, ngoba uyazi ukuthi uyafa."

Wathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakwazi."

56 Wathi, "Manje, Kapteni, manje cabanga emuva ngakho konke, manje, kungcono ucabange usheshe ngoba awunaso

isikhathi esiningi, kodwa cabanga emuva, yonke indlela emuva, lapho owashiya khona uKristu, futhi khona lapho owashiya khona uKristu, khona-ke qala khona lapho, futhi uqale khona lapho, ngoba uzoMthola khona lapho oMshiye khona."

57 Manje, ungahle ukuba waMshiya e—e—eMfundisweni eBhayibhelini, Into ethize eyakutshela, "Ungebi," wahamba phezu kwakho ngqo, "Ungaqambi amanga," wahamba phezu kwakho ngqo, *into ethize-enye* obungafanele uyenze, futhi nokho uhamba phezu kwayo ngqo, manje, uzofanele ubuyele emuva ngqo futhi ukucoshe khona lapho futhi.

58 Futhi ngakho, lokaputeni wayophela ngaphakathi, negazi liphophozela emaphashini akhe, futhi wayebamba umoya wakhe ngokushesha kakhulu, futhi wayazi ukuthi wayehamba. Wathi, "Kungcono usheshise, Kapteni, futhi ucabange."

Wathi, "Angisakhumbuli nje impela." Futhi emva kwesikhashana kwafika ukukhanya phezu kobuso bakhe, wathi, "Ngiyakhumbula, ngiyakhumbula khona lapho engaMshiya khona."

Wathi, "Kulungile, Kapteni, qala khona lapho."

59 Futhi wathi:

> Manje ngiyacambalala ukuba ngilale,
> Ngiyakhuleka eNkosini ukuba igcine umphefumulo wami;
> Futhi uma ngingafa ngaphambi kokuba ngivuke,
> Ngikhuleka eNkosini ukuba ithathe umphefumulo wami.

60 Futhi wawa. Wamshiyaphi uKristu na? Embhedeni wengane, niyabo, ezinyaweni zikamama, niyabo, njengomfana omncane. Wadingeka ahambe yonke indlela emuva lapho ukuMthatha. Yilapho oyoMthatha khona, lapho owaMshiya khona.

61 U-Israyeli, njalo ephuma ekuvumelaneni kukaNkulunkulu; akukho okuhamba kahle uze ubuyele ekuvumelaneni kukaNkulunkulu. Futhi manje, babesanda kukhululwa nje e—empini yabafokazi, futhi esikhundleni sokuphendukela eNkosini, babuyela emuva ngqo basuka kuYo futhi.

62 Akuxakile na? Sizogula, ingane izogula kakhulu size singazi nje ukuthi sizokwenzenjani. Umama uzosonta izandla zakhe, futhi yena noBaba bazothi, "O Nkulunkulu, sizoKukhonza uma nje Uzophulukisa lengane." Nengane iyasinda, khona-ke uyakhohlwa yikho. Niyabo? Niyabo? Kulula kakhulu ukukhohlwa ngakho. Yebo, mnumzane.

63 Futhi uzobona ingozi ecishe impela nje ithathe impilo yakho futhi uzothi, "O, ukuba bengifile! Nkosi, ngiyaKubonga ngokungisindisa, ngizoKukhonza." Bese ukhohlwa ngakho, niyabo, kuze kuthi okukodwa sekukubambile, niyabo, futhi

khona-ke—khona-ke isikhathi sesihambe kakhulu. Niyabo, wena—wena njalo, abantu ngokwejwayelekile bayamkhohlwa uNkulunkulu, abakwenzi njalo, babonge uNkulunkulu ngalokho, kodwa, ikakhulukazi, kulula kakhulu ukukhohlwa lapho yonke into ihamba kahle.

64 Manje-ke, niyazi, Wathi uma nizoMshaya indiva, futhi ningaMkhonzi, khona-ke lapho kufika inhlekelele yakho Uyovele akuhleke, uyabo. Ngakho ufanele ukhumbule, ufanele ugcine uNkulunkulu kuqala, ngaso sonke isikhathi.

65 Manje, abantu babesukile kuNkulunkulu futhi babephambukile, futhi ngakho abakwaMidiyani, namaFilisti, nezizwe ezehlukene zazingena futhi zibengamele.

66 Manje, asinabo abakwaMidiyani namaFilisti, kodwa sinokuningi okubi kakhulu, izwe lingena ngqo, liyasidla nya, lisithatha nje lisehlise ngqo, niyabo, ukungakholwa. Futhi sisuka ngqo engxenyeni kaMoya yeBandla, nengxenye kaMoya kaNkulunkulu, siphumele kokugcina umthetho ngamehlo, futhi nje, "Sawubona, Melusi? Ngifuna ukukhipha incwadi yami kulelibandla *ngapha*, ngoba bona, uDadewethu u*S'bani-bani*, yena nami asikhulumi, ngakho ngizoyiletha ngale endlini yakho." Niyabo? Nakho lapho okhona. O, yebo, niyabo. Bese kuthi-ke, lapho, niyabo, sidlulisa izincwadi nje. Kodwa lapho uke ukulobe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, kusekhaya khona-ke. Niyabo? Kunjalo.

67 Manje, kodwa sithola ukuthi lezizinto ziyenzeka. Futhi i—isikhathi sase sifikile, kuloludaba, ngomnyakazo, ngoba abakwaMidiyani babengene njengezintethe ezweni lonke. Futhi umIsrayeli wadingeka ambe imigede ezintabeni ukuba acashe, abuyele phakathi lapho futhi afihle ukudla okuncane ukuze aphile, abuyele emuva nje, emuva le, asuke kubo, ngenxa yokuthi, ngani, babengena, nje iqulu labo.

68 Babeletha izimvu zabo, izinkomo zabo, izinkabi zabo, futhi badle konke amaIsrayeli ayekutshalile, zonke izivuno zabo nezinto ezinjalo, futhi nje babaqhubele emuva, ngakho babe—babezobasusa, futhi ngakho, badla nya konke ababenakho. Babengeke bababulale, babavumele babuye ngonyaka olandelayo futhi benze isivuno, cishe ngesikhathi isivuno sesivuthiwe, nangu wayengena futhi, abakhiphe.

69 Ngakho sithola ukuthi kwakukhona indoda eyiqhawe elinamandla, ngempela eyayingazisho ukuthi iyiyo, kepha yayibhula ukolweni wayo phansi ngasesikhamweni sewayini, izama ukuqoqa ndawonye okuncane ukuba inakekele umndeni wayo ngalowonyaka, igama layo kwakunguGideyoni, kamuva uba ngumahluleli kwa-Israyeli.

70 Manje, sithola ukuthi ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze athumele ukukhululwa kubantu baKhe, manje, ngifuna nibambe lokhu manje, ngalokho okuzolandela kamuva,

ngaphambi kokuba uNkulunkulu athumele ukukhululwa kubantu baKhe Uhlala njalo ethumela umprofethi ukuba abazise, njalo uthumela abaprofethi baKhe, ngoba, isikhathi esiningi kakhulu, abantu ngeke bafunde futhi batadishe iZwi laKhe, bavele nje bahambe bajoyine ibandla, futhi bakuyeke kuhambe kulokho, abahlali phansi futhi bafunde.

71 UMoya oNgcwele, Uzondla ngeZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Ngakho lapho usindiswa, into enhle ukwedlula zonke ofanele uyenze ngukuhlala phansi neBhayibheli lakho, ulifunde njalonjalo, lokho kuyakwakha, uyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani. Akufani nokufunda inoveli ethize, ufunda ukuze ulengise umphefumulo wakho kuzo zonke izimpawu zokubhala kuLo, kunjalo, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu, niyabo.

72 Njalo lapho uNkulunkulu esho noma yini, niyazi ukuthi ngikugcizelela kanjani na? Ngo "Amen." Kunjalo. "Makube njalo." Kunjalo. Akusho kuqinisile, futhi ngakho besifanele sigcizelele onke amaZwi kaNkulunkulu ngo, "Amen." Lapho uNkulunkulu ethi, "Uyaku," "Awuyiku," kanjalonjalo, uthi, "Amen. Amen." Hhayi ukuthi, "Awu, ngikholwa ukuthi bekufanele kube nga*le*ndlela." Thana nje, "Amen," kulokho Akushoyo, lokho—lokho kuyakwenza.

73 Ngakho manje-ke, uNkulunkulu waye—wayekade emuhle kubo, futhi ba—futhi babengakufanele. Kodwa manje-ke, ngaphambi kokuba lesisehlakalo esikhulu senzeke, sithola ukuthi umprofethi wathunyelwa kubo, futhi waMkhulumela iZwi leNkosi. Futhi manje-ke siyaqaphela masinya silandela lowoMlayezo womprofethi, ngenkathi Efika ku-Israyeli, futhi wathi, "NginguNkulunkulu owanikhuphula eGibhithe. NginguYe oninika izwe enihlala kulo, futhi Ngenze zonke lezizinto ngenzela nina."

74 Niyabo, umprofethi njalo ukhomba emuva komkhulu, uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, umprofethi wangempela kaNkulunkulu, lowo ngumshumayeli wangempela, epulpiti. U—umprofethi wosuku lwesimanje ngu—ngumshumayeli, ngakho umprofethi weqiniso wangempela ukhomba emuva eZwini leNkosi, isithembiso seNkosi, hhayi isimemezelo i—ibandla elisenzile, kodwa i—isimemezelo uNkulunkulu asenzile. Niyabo? Buyele eZwini leNkosi.

75 Ngakho uNkulunkulu wakhuluma kulomprofethi, futhi bona, abakwaMidiyani bathathe konke ababenakho, futhi babebulawa yindlala, Wayesethi, "Anikhumbuli yini ukuthi NginguNkulunkulu owanikhuphula eGibhithe na? Anazi yini ukuthi Ngenza zonke izimangaliso zaMi ezansi eGibhithe na? Anazi yini ukuthi ngavula uLwandle oluBomvu na? Ngondla oyihlo iminyaka engamashumi amane ehlane, ngephula izitha

ezibazungezile. Angiwakhiphanga yini ama-Amaleki nakho konke okunye phambi kwenu na? NginguNkulunkulu, buyelani kiMi nje, Ngiqapheleni."

76 Futhi khumbulani, njalo, noma, masinya emva kwalowoMlayezo womprofethi, uNkulunkulu uyahamba ayosebenza. Emva kokuba umprofethi enikeza iZwi, khona-ke uNkulunkulu uyahamba ayosebenza eZwini. Kuqala, Lifanele livele kuqala, iZwi lizofanele lishunyayelwe kuqala, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Umprofethi weqiniso uma neZwi likaNkulunkulu leqiniso futhi akaxegisi kuLo noma ngayiphi indlela, kodwa utshela abantu ukuthi "Nifanele nizalwe ngokusha. Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza," uma engumprofethi weqiniso.

Uma engesuye, uzothi, "Awu, manje, siyakukholwa ukuthi. . . "

77 Ubani u "thina"? Hhayi uNkulunkulu nabaprofethi baKhe, noNkulunkulu neziNgelosi zaKhe, noNkulunkulu neZwi laKhe. Bathi "Kodlula amazulu nomhlaba," kwasho uJesu, "kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Kunjalo. "Uma umuntu enezela kulo, noma asuse noma yimaphi amaZwi esiprofetho saleNcwadi, okufanayo kwakhe kuzokhishwa eNcwadini yokuPhila." Ngakho niyabo, umprofethi weqiniso wangempela uhlala neZwi.

78 Futhi uqala ukubakhombisa okwakwenzeka. Futhi masinyane uNkulunkulu wafika enkundleni, masinya emva koMlayezo womprofethi. Bekuhlala njalo kuyilokho, ukuthi uNkulunkulu, manje khumbulani, uNkulunkulu uhamba emva komprofethi uma umprofethi eneZwi likaNkulunkulu, "Ngokuba iZwi laMi alizukubuyela-ze kiMi, kodwa liyakufeza lokho Elathunyelwa khona, inhloso Elathunyelwa yona."

79 Lizofanele lifike, kuzoba neqembu eliyovele nje, njengokuphosa amanzi emhlane wedada, kodwa kuyoba khona umuntu lapho ukuba aLithole ngoba uNkulunkulu uyaLithumela. Amen. Kulungile. Niyabo? IZwi alizukubuya lilambatha, Lizofeza lokho eLihloselwe khona.

80 Futhi manje, lomprofethi wama futhi waprofetha. Isizathu sokuthi uNkulunkulu athumele umprofethi, abantu baqhela kakhulu kuNkulunkulu ngamasiko abadala kanjalonjalo, futhi baletha yonke into ebandleni engokwezwe, futhi into yokuqala niyazi baxegisa okuncane *lapha* nokuncane *lapho*, nokuncane *lapha* nokuncane *lapho*, futhi into yokuqala uyazi akulutho kodwa inhlangano, akulutho kodwa kufana nedlangala.

81 Abantu beza lapho futhi babe—babe nazo zonke izinhlobo zamasapha amasobho, nemidanso, nemidlalo yamakhadi ibunco, nakho konke okunye ebandleni, futhi akungaphezu kune—kunedlangala. Kunjalo. Kodwa manje-ke, uyabona-

ke lokho kukude le neZwi. Nemiphefumulo eminingi eqotho yahlala phandle kulawomakhaza ezidumbu amakhulu phandle lapho futhi icabanga, "*Yikho* lokhu."

82 Futhi ngaphambi kokuba uNkulunkulu athumele ukwaHlulela kwaKhe, ngaphambi kokuba Avumele noma yini yenzeke, ngaphambi kokuba kufike ukukhululwa kweBandla, uNkulunkulu unobulungiswa futhi Uthumela iPhimbo ezweni lonke likhuluma iZwi leNkosi uNkulunkulu. Khona-ke kuthi nje uNkulunkulu angakhuluma iZwi laKhe, uNkulunkulu useZwini laKhe ukuLenza libe yilo ngempela futhi abonakalise iZwi laKhe Akusho.

83 UNkulunkulu unobulungiswa, Angeke nje abe yilutho olunye kodwa uNkulunkulu onobulungiswa. Niyabo? Umi ngqo phakathi emva kweZwi laKhe. Lapho leloZwi leqiniso liphuma, uJesu wathi, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona." Isizathu LiyiZwi likaNkulunkulu, Lifanele livele.

84 Manje, kanjani. . .? UNkulunkulu akehli futhi aLikhulume ngokwangempela ngePhimbo laKhe liphuma eZulwini, ULilobile ephepheni futhi elindele mina nawe ukuba semukele uMoya oNgcwele, ukukholwa leloZwi. Futhi lapho sikhuluma leloZwi, uma LiyiZwi likaNkulunkulu leqiniso, uNkulunkulu uma emva kwaLo. Kunjalo. UNkulunkulu wenza izimangaliso ngezandla zabantwana baKhe.

85 Njengoba ngishilo lapha ebusukwini obumbalwa obedlule kwelinye ibandla, UnguMvini futhi thina singamagatsha. Umvini awutheli isithelo, ngamagatsha athela isithelo, kodwa lithola amandla alo emvinini. UJesu Kristu, uMoya oNgcwele, ungena emzimbeni womuntu, ubamba iZwi laKhe uQobo futhi alinyakazise, ukhombisa imibono, ukhuluma ngezilimi, uyaprofetha, Wenza zonke izinhlobo zemisebenzi ukuqinisa iZwi laKhe ngobuthuluzi bomuntu, yilokho impela Akwenza.

86 "Ningofakazi baMi. Niyakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, futhi khona-ke ningofakazi baMi," Niyabo? Ufanele ulungise into kuqala. "Lindani emzini waseJerusalema, nize nembathiswe aMandla. Khona-ke ningofakazi kiMi. Nje eJerusalema kuphela." Qhabo, "iJerusalema, iJudiya, iSamariya, kuze kube sezingxenyeni ezikude kakhulu zezwe, ningofakazi baMi."

87 Emva kokuba u—u—umvini negatsha kuxhumene ndawonye, noma, emva kokuba umvini usuveze igatsha, ngokuba uma omunye ufakelwe, angeke uthele uhlobo olufanele lwesithelo, kodwa uma umvini ngokwawo uveza igatsha, kuyoba, uhlobo lokuphila olusegatsheni luzoba semvinini uthela isithelo. Ngakho-ke, umprofethi weqiniso kaNkulunkulu uthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile kusukela ku A kuya ku Z, lonke iZwi laLo, Liyiqiniso.

88 Manje, isizathu sokuba uNkulunkulu enze lawomadoda futhi athumele lawomadoda, yingoba uma abantu bengayikutadisha iBhayibheli, abayikulifunda iBhayibheli, abayikutadisha, abayikukhuleka, kungengaphezu kokubhala umkhuleko omncane futhi uwusho wasekuseni, noma *enye into ethize*, noma ugijime phezu kobuhlalu obumbalwa, futhi usho *into ethize-enye*, futhi, noma uyethi Mariya futhi nje . . . ? . . . into ethize, kodwa lokho akusikho. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu uthumela umprofethi weqiniso, neZwi leNkosi liza kumprofethi, ngaso sonke isikhathi. IZwi leNkosi liza kumprofethi.

89 Bese kuthi-ke uma iZwi leNkosi likumprofethi, bese kuthi-ke abantu bangabona uNkulunkulu esemnyakazweni, IZwi likaNkulunkulu lisemnyakazweni kumprofethi, nakho lapho okhona, ngoba uNkulunkulu uqinisa iZwi laKhe.

90 Bukani uPetru, wabona uNkulunkulu esebenza. Bukani uPawulu, wabona uNkulunkulu esebenza. Bukani abaprofethi basendulo, babona uNkulunkulu esebenza. Kunjalo impela. Thatha indoda namhlanje, umshumayeli oshumayela iVangeli eligcwele, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bayobuka lawomadoda futhi babone uNkulunkulu esebenza, uzoba nokuphila okuzobonisa noma yikuphi, ngale kokuthukwa, noma yini. Niyabo? NguNkulunkulu esebenza nabantu bangabona. “Niyizincwadi ezilotshiwe.” Nhloboni yencwadi na? Incwadi kaNkulunkulu, uNkulunkulu efakaza ukuthi Wakuthuma.

91 Ngakho sithola ukuthi Uthumela abaprofethi baKhe, futhi bayinto ekhanyisayo futhi ikhombise iVangeli kubantu. Akabongwe uNkulunkulu, ngi—ngiyakuthanda lokho. Bephuma ekholiji lezenkolo laseZulwini, yebo, mnumzane, noNkulunkulu eqinisa ukuthi bavela Lapho, kungesikho kakhulu ukwazi nge*zizukulwane*, kodwa inqwaba ye*mfundo yokuguqa ngamadolo* ephumayo. Kunjalo. Manje, manje qaphelani, manje, lapho si . . .

92 UGideyoni, wayeyoba sesimweni esibi kakhulu. Wayephandle lapho ebhula ukolo wakhe, futhi into yokuqala niyazi, wabuka laphaya . . . Futhi wayesanda kuzwa lowoMlayezo womprofethi. Manje, nizokuthola lokho evesini le 7 kuya kwele 10, ningathola lapho ahlangana khona, u—u—umprofethi uyafika futhi wanikeza u—uMlayezo, ebatshela ukuba bakhumbule ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu, futhi UnguNkulunkulu ofanayo owabakhululayo, nokuthi bona nje babuyele kuYe. Manje, lokho bekungeke yini kube nguMlayezo wanamhlanje na? He, impela bekuyoba yiwo.

93 UNkulunkulu usenguNkulunkulu. UNkulunkulu unguNkulunkulu owayesePhentekoste, uNkulunkulu unguNkulunkulu owayesesihlahleni esivuthayo, uNkulunkulu unguNkulunkulu owavula uLwandle oluBomvu. Yini esiyikhathalelayo ngamabhomu ehayidrojini, noma imipheme

yokukhosela ezinhlayiyeni zokuqhuma kwenunzi, noma yini enye umuntu angayenza na? "UNkulunkulu uyisiPhephelo sethu naMandla ethu okuqina, Usizo olukhona impela ngesikhathi sokuhlupheka." UsenguNkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, uNkulunkulu kaDavide. Impela. UsenguNkulunkulu. Sifuna nje ukuzwa iZwi, yilokho thina. . . Siyabonga ukuthi silizwile iZwi futhi saLithola ukuthi linjalo. Yebo, mnumzane.

94 UyiDwala, uMbhoshongo onamandla, futhi UnguMpheme ngesikhathi sesiphepho, ngakho UnguMpheme wethu, "Abalungileyo babalekela kuloMbhoshongo, futhi baphephile." Yebo, baphephile, kunjalo. Usepuletini lasekhaya, ubizwa ngokuthi, "Uphephile!" yiJaji eliKhulu, kunjalo, ukuthi uphephile. "Labo abalinda iNkosi, bayothola amandla amasha." UyiNdlu yokuphephela.

95 Manje, uGideyoni, ngenkathi ephandle lapho ebhula ukolo wakhe, akungabazeki kodwa uMlayezo walowomprofethi wawuhamba udabula enhliziyweni yakhe, ukuthi lowomprofethi wathini, "NginguNkulunkulu ka—ka-Abrahama, u-Isaka, uJakobe. NginguYe owanikhipha eGibhithe. NginguYe oninika eninakho. Phendukelani kiMi!" Futhi nango yena noyise phandle lapho bebhula lokolo, neNgelosi yeza kuye, noma, wacabanga ukuthi KwakuyiNgelosi, kwenzeka kwavela ukuthi Kwakungesiyo iNgelosi, KwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe, ngoba ninakho, bhekisisani, igama elungusonhlamvukazi N-K-O-S-I, uyabo.

96 Futhi ngenkathi Ekhuluma kuGideyoni, uGideyoni wamangala kancane, Wathi, "Manje, qhawe elinamandla," wayengazi ukuthi wayeyilo. Mhlawumbe awazi ukuthi uyilo. Nina, ningahle nibe ngamaningi alawomadoda anamandla angamaqhawe kulobubusuku, nihlezi lapha. Wena uthi, "I—ibandla elincane, iqembu elincane na?" O, he. Babebabili kuphela lapho, yena noyise. Kufanele kube nababili kuphela lapha, wena noKristu, yilokho kuphela okukuthathayo ukuba yiqhawe elinamandla. Kunjalo.

97 Manje, into yokuqala niyazi, ukuthi kwenzekani, kwathi nje Angakhuluma kuGideyoni, "Wena-qhawe elinamandla," wambiza, ayengakwenza.

98 Wayesethi, "Qha, Nkosi, qhabo, Nkosi, mina—mina nje, a—a—angikukholwa lokho." Manje, Wayebukeka sengathi, mhlawumbe, endala, iNdoda enempandla ihlezi laphaya yencike esihlahleni, niyazi, ihlezi ngemuva incike esihlahleni, mhlawumbe Izisonge ngesikhumba semvu, noma *enye into ethize*, induku esandleni saKhe, Wayengabukeki kangako.

99 Futhi Wathi, wamtshela ukuthi Wayezele ukumthuma ukuba ahambe akhulule u-Israyeli. Umprofethi wayesevele ewunikezile uMlayezo wakhe, ngakho Wathi, "Ngiyakuthuma ukuba wenze lokhu."

"Ngani," wathi, "Qha, Nkosi, qha. Qhabo, qhabo. Ngiyazi umprofethi angahle ukuba washo *ukuthi-nokuthi* no*kuthi-nokuthi* njengalokho, kodwa—kodwa khumbulani . . . "

Wathi, "UNkulunkulu unani."

Wathi, "Uma uNkulunkulu enathi, pho ziphi zonke izimangaliso zaKhe na?" Nanko umbuzo.

100 Awu, manje, ukuba-ke wayethe, "O, impela, inhlangano yethu ikhule izinkulungwane eziyishumi kulonyaka, uNkulunkulu unathi. Qhabo, ngamunye wethu waphumelela kakhulu, yonke into yaphumelela kwaze kwathi ngamunye wethu wathola oCadillac ababili ngamunye"? Yilokho okwakho . . . ngeke waba ngokomoya kulezizinsuku uze ube noCadillac abathathu noma abane, niyazi, uxhaxha lwalezi uhlobo lwezinto, niyabo, into efana naleyo, unento enkulu kunazo zonke ekhona ezweni.

101 Kodwa lalelani, qhabo, a—akakutholanga lokho, akakushongo lokho, niyabo. Wathi, "Uma . . . " Namhlanje sithi, "Awu, wazi kanjani ukuthi uNkulunkulu unathi na? Isizathu sikhula ngezibalo, sinamabandla amaningi kunalokhu sake saba nawo. Sine . . . Ngani, niyazi, ngisho nemeya yedolobha iza ebandleni lethu. Siyazi, si—si—siyibandla elikhulu kunawo onke e . . . singeledlula onke elikhona, siyazi ukuthi uNkulunkulu unathi ngoba abantu bakithi bayaphumelela, bagqoka izingubo ezingcono, ba—ba, banamakhaya angcono." Lokho ku—lokho kulungile, siyabonga ngalokho, kodwa leso akusiso isibonakaliso uNkulunkulu unani.

102 UGideyoni wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, wathi, "Manje-ke, Mnumzane, uma uNkulunkulu enathi, ziphi zonke izimangaliso zaKhe ezinamandla na?" Kunjalo. "Lowomprofethi wasitshela ukuthi WayenguNkulunkulu owasikhipha eGibhithe, Washaya izwe, Wabakhulula, UnguNkulunkulu wokukhululwa. Futhi uma Wayelokhu enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu."

103 Ngisho into efanayo, kulobubusuku: Uma Wayelokhu enguNkulunkulu, Uzofanele ahlale enguNkulunkulu njalo. Uma Wayelokhu enguMninimandla onke, Usenguye uMninimandla onke, impela Unguye. IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade, amaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

104 Wathi, "Manje, uma Lowo kunguNkulunkulu, uma uNkulunkulu enathi, ziphi zonke izimangaliso na? Ziphi zonke izibonakaliso Azenzile na?" Manje, bangahle ukuba babenazo zonke izinhlobo zezibonakaliso nakho konke okunye, kodwa kwakungesizo izibonakaliso zangokomBhalo. Manje, u—ufanele ube nesibonakaliso sangokomBhalo.

105 UJesu wathi . . . Abanye babo bathi, "Awu—awu, uma sinamalunga amaningi, uma sinenhlangano enkulu ngokuthe xaxa, uma sina*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, abantu abagqoke

kangcono, uma amabandla ethu ekhula, inhlangano yethu, ihlelo lethu, abefundisi bethu—bethu—bethu baqeqeshwe kangcono, akusiso yini isibonakaliso sokuthi uNkulunkulu unathi na?" Qhabo, mnumzane, akuhlangene ngalutho nakho.

106 UJesu akashongo ukuthi, "Bayoba nezinhlangano ezingcono lapho bekhula futhi—futhi beNgikhonza, bazoba namabandla angcono lapho bekhula futhi beNgikhonza." UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, futhi bakhulume ngezilimi ezintsha." Nakho lapho okhona, lokho yizibonakaliso zangokomBhalo. Yebo, mnumzane. Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, manje-ke Uphi na? Sinelungelo lokusho lokho.

107 Ngenkathi u-Elisha eselandele u-Eliya, futhi wathi, "Ngizocela into eyodwa, lokho ngokuphindwe kabili komoya ophezu kwakho," futhi waphonsa ingubo yakhe emuva, wahamba wehlela lapho, wakhumula leyongubo, washaya iJordani, wayesethi, "Uphi uNkulunkulu ka-Eliya na?" waphinda wavula.

108 Futhi uma iBandla namhlanje . . . Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, sinelungelo lokuMbiza futhi sithi, "Siphi i—isithembiso uJesu Kristu asenza na? 'Ngizoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.' Siphi isithembiso saKhe na? MangiMbone enza imisebenzi yaKhe."

109 Into okufanele kuyithathe, kuqala, iZwi laKhe. Ungaphumi phandle lapha ngokufutheka okuthize futhi ukholwe ukuthi ungakwenza, ufanele ubuyele eZwini, uthole izimo zilungile. Ufanele, ufanele ulikholwe iZwi laKhe, futhi usebenzele phezu kwalo lonke iZwi Alisho, ukubona imisebenzi yamandla kaNkulunkulu. Manje, khumbulani, uma nje nizokwenza lokho, niyabo, nikholwe iZwi laKhe, Akusho, bese-ke nisebenzela phezu kwalo. Uyakukholwa lokho na?

110 Manje, awukwazi nje ukwenyuka futhi uxhawulane nomfundisi, bese uthatha isitsha sikasawoti bese ufafaza ingcosana yamanzi phezu kwakho bese uthi, "Manje, sekuphelile konke, ubanikeze isandla sokunene senhlanganyelo." Lokho akukho ngokomBhalo. Qhabo, lokho akulungile. Ungeke wakwenza lokho, ufanele ulandele iZwi, ufanele wenze khona impela uNkulunkulu athi kwenze. Kunjalo.

111 Ungeke uthi, "Awu, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi ngemukela uMoya oNgcwele ngenkathi ngikholwa." Lokho akusikho okwashiwo yiBhayibheli. Qhabo, mnumzane, akunjalo. Ungakholwa, kunjalo, ekuPhileni okuPhakade, kodwa-ke ufanele ube noNkulunkulu ukuba akubeke uphawu ngoMoya oNgcwele. "Namamukela yini uMoya oNgcwele *lokhu* nakholwayo na?" Niyabo? Hhayi lapho ukholwa, kodwa

emva kokuba usukholiwe wemukela oNgcwele. . . Emva kokuba usukholiwe khona-ke wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele wesithembiso, kusho umBhalo, *emva* kokuba usukholiwe. Kunjalo. Kodwa kuqala ufanele ukukholwe futhi usebenzele kukho.

112 Awukwazi ukuthi, "O," kunabaningi abazwelanayo abathi, "o, iBhayibheli liqinisile. Yebo, Mfowethu Branham, ngiyakukholwa lokho, iBhayibheli liqinisile, kodwa uyazi, a—angazi." Nakho lapho okhona, "*Kodwa* Mina," niyabo, nakho lapho okhona, njengembuzi endala nje ingqubuza, niyazi, nje, niyabo, "*Kodwa*, kulungile, *kodwa* niyazi, o, umelusi wethu akakukholwa lokho. Kulungile, *kodwa* a—angikholwa ukuthi kungenziwa." Niyabo, nakho—nakho lapho ukhona futhi, uyabo. Awusoze wakubona kwenziwa. Ufanele usebenze, ufanele wenze okuthize.

113 Futhi lapho uzothatha isithembiso sikaNkulunkulu, futhi wazi ukuthi yisithembiso sikaNkulunkulu, futhi usebenzele phezu kwaso, uzobona izimangaliso ezinkulu zikaNkulunkulu zibuyela eBandleni likaNkulunkulu ophilayo. Kunjalo, uzokwenza.

114 Manje, cabangani ngalokhu nje, bangane: UNkulunkulu angaqamba kanjani amanga na? Uzolikholwa ibandla na? Ngenkathi kuqala. . . Umama wami—wami wayefa ngolunye usuku, wathi, watshela uDelores, lowo ngudadewethu, abafana abayisishiyagalolunye nentombazane, uDelores wayengomncane kunabo bonke, wathi, "Delores, ungomncane kunabo bonke wami. Ungithandile, futhi wasiza, wehla futhi wangiwashela, futhi wanginakekela kusukela sengigugile."

115 Wathi, "Billy, ungowami wokuqala." Wathi, "Ungondlile, futhi uqinisekile ukuthi angizange ngilambe, futhi—futhi emuva le ngaphambi kokuba ubabayi wakho afe, iminyaka eyishumi nanhlanu, amashumi amabili-nanhlanu edlule," futhi wathi, "ubulokhu unginakekela njalo, futhi waqinisekisa ukuthi nginokudla, nokokubasa, nakho konke." Futhi wathi, "Billy, ubengumholi, umholi wokomoya kimi ongiholele eNkosini uJesu." Futhi wathi, "Manje, namhlanje, ngiyahamba, futhi ngiyajabula, ngifuna ukuya eKhaya kabi kabi angazi ukuthi ngenzeni."

116 Manje, ngase ngima lapho, ngase ngithi, "Mama, uyazi imuva lethu liyiKatolika, ngakho-ke ngenkathi ngisengumfanyana naleloPhimbo lakhuluma kimi, lathi, 'Ungalokothi ubheme, uphuze, noma yini, kunomsebenzi wakho ukuba uwenze lapho usumdala,' ngehlela ebandleni eliKatolika ukuyothola. Umpristi washo lokhu, wathi, 'Uyazi, siyiBandla, singumzimba wabantu. UNkulunkulu useBandleni laKhe.'

117 "Awu, manje-ke, ngacabanga, 'Akulungile, abaningi kakhulu balaba abehlukene, ngifanele ngihambe ngibone

ukuthi omunye utheni.’ Ngawelela kwiLuthela, bathi, ‘O, qhabo, *si*yiBandla.’ Ngathola ukuthi *ibandla* laliyini, kwakungumzimba wabantu owabizelwa ngaphandle. Awu, bona, iLuthela lakhomba indlela eyodwa, iKatolika enye, iBaptisti enye, iMethodisti enye, iPresbyterian enye, angikwazanga ukubeka ukholo kulokho. Yiliphi, yiliphi iBandla na? Ngalinye lalinento ethize eyayizwakala kahle.

118 Niyazi, “Ngani,” ngathi, “Mama, ngabuyela ngqo eBhayibhelini. ‘Onke amazwi omuntu mawabe amanga futhi awaMi abe yiqiniso.’ Futhi ngalandela leloBhayibheli nje lokho eLakusho, futhi ngathola imiphumela efanayo abayithola emuva lapho. Ngakho ngi . . . ” Futhi besiphumule phezu kwalokho, yimiphumela efanayo. UNkulunkulu uzofanele aligcine iZwi laKhe, kunjalo, liqinisile, uma nje sizoLikholwa, siLilalele, siLemukele, futhi sisebenzele phezu kwaLo.

119 UNowa wayenesithembiso esivela kuNkulunkulu, KwakunguNkulunkulu owakhuluma kuNowa, kodwa uNowa, ngaphambi kokuba abone isimangaliso esinamandla sikaNkulunkulu, wadingeka ahambe ayosebenza emkhunjini, wayedingeka akhe umkhumbi ebambelele eZwini, eshayela ipulangwe, egandaya ikolitali, elithululela okhunini. Wayefanele enze umkhumbi ulungele lapho kuzwakala kungukuhlanya kuwo wonke omunye umuntu. Kodwa wayenzani na? Ewulungiselela noma kanjani. Kufanele ukuthi wayekuwo ngaphezu kweminyaka eyikhulu namashumi amabili, akha umkhumbi, kusalokhu kungekho sibonakaliso sanoma yini enye, kodwa wabambelela eZwini, wayesebenza phezu kokuthunywa kwakhe. Amen. Mm!

120 “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Sebenzela phezu kokuthunywa kwakho, ubone ukuthi uNkulunkulu wenzani. Sebenza ekuthunyweni kwakho. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” Niyabo? Sebenza ekuthunyweni kwakho.

121 Wena uthi, “Ngemukela iZwi likaNkulunkulu.” Ukhulekelwe, noMoya oNgcwele wakwethembisa ukuphulukiswa, khona-ke angikhathali ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani kuze kufike, yiba usalokhu usebenza ekuthunyweni kwakho, wenze sengathi uphulukisiwe, unika uNkulunkulu udumo, ulokhu uqhubeka nje. Kunjalo.

122 Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, angikawemukeli uMoya oNgcwele namanje.” Yamukela isithembiso futhi ugcine wenza- . . . Manje, ungasho nje ukuthi unaWo ngoba ukushilo, lokho ngeke kusebenze.

123 Ukuba-ke abafundi, emva kokuba sebethe, “UJesu usitshele ukuba senyukele lapha manje futhi silinde, Uzothumela iSithembiso phezu kwethu,” futhi cishe izinsuku eziyisishiyagalolunye, mhlawumbe uMathewu, noma abanye

babo angahle ukuba wenyuka, noma sithi, mhlawumbe kwakunguFiliphu, noma abanye babo, benyuka base bethi, "Petru, awukholwa ukuthi sesivele siSemukele na? Awucabangi ukuthi sesivele sinaSo na? Ngoba bukani, Wasithuma ukuba senyukele lapha futhi silinde, niyabo, futhi kade si—siphezulu lapha, lokhu yizinsuku eziyisishiyagalolunye. Niyazi, ngoluny'usuku ngathi ukuba nomuzwa, mhlawumbe, ukuthi Usevele usinike Sona. Ngikholwa ukuthi kungcono siSemukele ngokukholwa futhi siqhubeke"? O, he!

124 Qhabo, mnumzane, bahlala lapho futhi balinda kuze kufike ubufakazi obubonakalayo. Amen. Bafika lapho futhi bahlala baze babona into ethize ababengayibamba futhi bathi, "Yi*Lokhu*." Kungani na? Babenobufakazi obubonakalayo bangokomBhalo baso.

125 Babazi kanjani ukuthi babezoSithola na? U-Isaya wathi ku-Isaya 28:19, "Isiyalezelo sifanele sibe phezu kwesiyalezelo, umudwa phezu komudwa, lapha ingcosana, nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngizokhuluma kulababantu. Futhi lokhu ngukuphumula eNgithe bafanele bakubone."

126 UJoweli, uJoweli 2:28 wathi, "Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, usho uNkulunkulu, ngizothulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi nezincekukazi zaMi Ngizothulula uMoya waMi." Babelindele into ethize ukuba yenzeke ababengayibuka futhi babone. Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, ake sibone ukuthi Wethembisa ukwenzani, asihlale nakho kuze kufike. Yebo.

127 UNowa wakha ngqo phezu komkhumbi, ebambelele kuwo, eshumayela ngaso sonke isikhathi, emi ngqo emnyango womkhumbi, eshumayela kubo, akha futhi eshumayela kubo. Lowo ngumprofethi wangempela kaNkulunkulu namhlanje, emi ngqo eMkhunjini, uKristu Jesu. "Uma nikiMi, amaZwi aMi ekini," qhubekani nokwakha nje, nikushayela yonke indawo lapho kukhona, nivala zonke izimbobo, ningavumeli udeveli abe nesihibe ndawo, qhabo. Qhabo, mnumzane. Hlala ngqo eMnyango futhi ushumayele, ume ngqo eMnyango woMkhumbi futhi ushumayele, uMkhumbi, uMnyango, uKristu unguMnyango oya emkhunjini, kunjalo impela, "NginguMnyango esibayeni sezimvu." Futhi ngakho hlalani khona lapho futhi nishumayele.

128 UNowa, ngaphambi kokuba abone izimangaliso ezinamandla zikaNkulunkulu ukwazi ukuthi WayenguNkulunkulu, wasibona isithembiso kuqala, wathola isithembiso, wabambelela kuso, futhi wasebenzela phezu kwesithembiso waze wabona isimangaliso esinamandla

sikaNkulunkulu. Amen. Yebo. Wase-ke ebona isimangaliso esinamandla sikaNkulunkulu.

129 UMose, ehamba endleleni yakhe eya eGibhithe nenduku esandleni sakhe, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, ukuhlasela komuntu oyedwa ehla ukuyolidla nendala, induku eyomile esandleni sakhe. Niyabo? U—ukwenzile naye. Impela wakwenza, impela wakwenza. Kungani na? Wayelingisa. Wazi kanjani na? "Awu, lapho wehlela lapho, uFaro uzokulengisa. Kade ekufuna iminyaka engamashumi amane, futhi noma nini lapho ekuthola, awusekho ngempela. Wabulala umGibhithe, uyazi ukuthi kuyini, ukushaya ngisho umGibhithe kungukufa, futhi lapha usubulele oyedwa, futhi wamfihla, futhi wabaleka. Lapho ubuyela ezansi lapho, ngukufa." Kodwa wayenzani na? Elingisa. Amen.

130 Angazi ukuthi kwamthatha izinsuku ezingaki ukusuka kwaMidiyani ezansi lapho, kodwa wehla. O, wehla naleyonduku esandleni sakhe, ngoba wayesebenzela phezu kwalokho uNkulunkulu ayemthembise khona ukuthi Uyokwenza.

131 Manje, uma uNkulunkulu ekunika ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, njengoba Wabonakala kuMose eMlilweni emuva lapho futhi wamazisa ukuthi WayenguNkulunkulu, khona-ke ubufanele, uma ubone uNkulunkulu ephulukisa abanye, njengoMose waphosa induku yakhe phansi kanye futhi wayazi ukuthi Wayezokwenza futhi, ayiphendule ibe yinyoka, wayazi ukuthi WayenguNkulunkulu nalokho Akwenzile kanye Angakwenza futhi. Njengoba nje umprofethi wathi kuGideyoni, "UNkulunkulu wawoyihlo wanikhuphula wanikhipha eGibhithe futhi waletha zonke lezizimangaliso nezinto, Uzokwenza futhi." Kunjalo.

132 Awu, uNkulunkulu owaphulukisa abagulayo nguNkulunkulu okuphulukisayo. UNkulunkulu onikeza uMoya oNgcwele emuva lapho nguNkulunkulu oKunika wona. UNkulunkulu owaphulukisa uHattie Waldrop *lapho* kumdlavuza, elele efile emgqeni, uzokuphulukisa. Impela. UnguNkulunkulu, yilokho kuphela. Uma ulindele ukubona izimangaliso zaKhe ezinamandla namandla aKhe, khona-ke kuqala yemukela iZwi laKhe futhi usebenzele phezu kwaLo. Impela.

133 UMose wenza kuqala, khona-ke wabona izimangaliso ezinamandla zikaNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu emtshela ukuba ahambe aye ngasolwandle, wayefanele aye ngaselwandle ukuze abone izimangaliso ezinkulu. Noma yini ayeyenza, wayefanele alalele uNkulunkulu ukuze abone izimangaliso ezinkulu zikaNkulunkulu; yilokho esifanele sikwenze.

134 U-Eliya, ngenkathi ephumela lapho esiqongweni sentaba, wababiza phezulu lapho, wathi, "Ake sibone ukuthi Ubani

ozoba nguNkulunkulu. UNkulunkulu ophendula ngoMlilo makabe nguNkulunkulu," ngoba uyazi ukuthi uNkulunkulu unguMlilo oqothulayo. "Makuthi uNkulunkulu onoMlilo, aphendule."

Bathi, "Umqondo omuhle lowo. Sizokhuphukela lapho."

135 Ngani, wayengesabi ukuthi labo bahedeni babenanoma yini. Ngenkathi beyobiza uBali futhi bezisika, futhi benza, futhi begxumela e-altare, wavele wahamba waya emuva naphambili, wathi, "Memezani kakhudlwana, mhlawumbe uyalandela. Mhlawumbe uthatha isihlwathi, uye kodoba, noma okuthize," niyazi, uku, wathi, "mpompolozani kakhudlwana." Wayazi lapho ayemi khona. Yebo, mnumzane. Umuntu oseke waxhumana noNkulunkulu futhi wathola ukuthunywa okuvela kuNkulunkulu, khona-ke bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazi ukukukhipha kuye, uyazi ukuthi umi kuphi. Impela.

136 Wahamba waya emuva naphambili, khona-ke ngenkathi enza, wabeka umhlatshelo wakhe phansi ngesikhathi somnikelo wakusihlwa, wagingqa amatshe ayishumi nambili ukukhombisa inhlanganyelo, zonke izizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, futhi waphumela lapho wayesethi, "Manje, Nkosi Nkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, noka-Israyeli," waMbiza ngegama lenkosana yaKhe, niyabo, "lika-Israyeli, makwazeke, namuhla, ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngingumprofethi waKho, futhi ngenze konke lokhu ngeZwi laKho."

137 Nakho lapho okhona. Kwakuyini na? Esebenza phezu kweZwi laKhe. Kwenzekani na? UMlilo wehla. Yebo, mnumzane, Waqeda umhlatshelo. Wabona, futhi bonke abantu babona, umsebenzi wamandla kaNkulunkulu ngenkathi esebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu.

138 UJoshuwa, wamasha wazungeza lolodonga njengoba impela nje iNduna eNkulu yamtshela ukuba akwenze. Wayephumile ngenye intambama ehamba, wayezibuza ukuthi wayezozithola kanjani izindonga. Wayazi ukuthi waye—waye. . . isitha sehlulwa ngoba babengaphakathi odongeni, kodwa wayezongena kanjani lapho na? Ngakho washaya kancane kancane ngenye intambama ukuba azindle. Leyo yinto enhle, suka kuwo wonke umuntu futhi ube wedwa isikhashana. Futhi wabona iNdoda imi neNkemba yayo ihoshiwe, uJoshuwa wacabanga ukuthi mhlawumbe lowo kwakungahle, kwakungomunye wabafokazi, ngakho wahosha inkemba yakhe, futhi wagijimela kuYe, wathi, "Ungakithi, noma uyisitha sethu na?"

Wathi, "NgiyiNduna yebandla leNkosi." Futhi Wamtshela ukuthi akenzeni.

139 Manje, kuthi ukuba yinto el'khuni, ucabanga ukuthi ubungashaya icilongo nodonga luwe phansi, kodwa wathatha isinyathelo. Niyabo, uNkulunkulu ukwenza kube lula kakhulu

futhi kube ngubuwula, kuthi ngqu phezu kwekhanda labafundile. Kuthatha labo abangafundile ukuba, abangazi kakhulu kangako ukuKuqonda, yilokho kuphela. Lapho uhamba uzama ukuKufanisa, ungeke waKufanisa, ufanele uthathe iZwi likaNkulunkulu ngakho, indlela Athi kwenze ngayo, hhayi ngendlela esicabanga ukukwenza ngayo, kodwa indlela Athi akwenziwe ngayo. Yilokho-ke, kwenze ngendlela nje Athi kwenze ngayo.

140 Futhi uJoshuwa wamasha nje ngokomyalo. Futhi kwenzekani na? Wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe futhi wasebenzela phezu kwaLo, futhi wabona izindonga ziwa nesitha sifa.

141 Abantwana bamaHeberu, babesebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wabatshela ukuthi abafanele bakhothamele noma yisiphi isithombe, futhi abafanele bakwenze. Ngakho inkosi yathi, "Kuphakathi kokuthi nizokhothama, noma ngizoniphonsa esithandweni somlilo."

142 Bathi, "Manje, awume kancane, uNkulunkulu wethu uyakwazi ukusikhulula, siyazi ukuthi Uzokwenzani, kodwa asizukusikhothamela isithombe sakho, empeleni."

143 Ngakho babesebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu ngenkathi uNkulunkulu enza isimangaliso esinamandla, wayesethumela iNdoda yesine phansi phakathi kwabo, kanjalo, futhi yavimbela umlilo kubo. Babenzani na? Besebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu futhi babona isimangaliso esinamandla sikaNkulunkulu.

144 Besingasho omunye, uDaniyeli. UDaniyeli wayesebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Wakhothama ngasethempelini, akunandaba ukuthi ubani owasho. Ba . . . Wayengenamahloni ngenkolo yakhe, futhi wayekhuleka kathathu ngosuku, esebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Futhi wakubona.

145 Manje, uGideyoni, ngizosheshisa, uGideyoni, manje, wayengaqinisekile, wayengaqinisekile kakhulu, lapha kwakuyiNdoda endala nje ihlezi, incike emuva esihlahleni, imtshela ukuthi akenzeni. Wathi, "Manje, angazi. Ngizokwenza kanjani na?" Wathi, "Yima lapha umzuzu nje." Futhi wahamba futhi wathola umnikelo, wathatha umnikelo, wawubeka phezu kwe-altare.

146 LoMfo omdala angahle ukuba wanyonyoba phezulu lapho nenduku yaKhe *kanje*, futhi wathinta lelo altare, umhlatshelo wathathwa, khona-ke uGideyoni wayeselungele ukuthatha isinyathelo. Kungani na? Wayelibonile iZwi likaNkulunkulu eliphilayo lisebenza. Amen. Wabona iZwi likaNkulunkulu eliphilayo. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayehlala kulelo—lelotshe lesikhumbuzo soMuntu lapho, ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu, waMbiza ngokuthi, "Nkosi."

147 Kusobala, Wanyamalala. Wathi, "INgelosi yeNkosi," okungukubonakaliswa nje, njengoJesu eyiNdodana kaNkulunkulu, nokho WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu wayekuYe, kodwa lokhu ngukubonakaliswa, iNgelosi kaNkulunkulu, njengoba yayihlangane no-Abrahama. Kepha nokho u-Abrahama wabiza iNdoda ngokuthi N-k-o-. . . uN-k-o-s-i omkhulu, "Elohim." Noma ubani uyazi, ofunda iBhayibheli lesiGreki, noma isiHeberu, uyazi ukuthi u-*Elohim* unguMninimandla onke.

148 Niyabo, Wayelapho kulokho, wabonakaliswa kulowo omncane—lowo mzimba omncane wobumba uhlezi lapho. UMfo omdala encike esihlahleni sengathi Wayekhathele, kodwa Wathatha leyonduku, futhi wathinta lowomhlatshelo, futhi wenyuka eLangabini. Niyabo? Khona-ke uGideyoni wazi ukuthi Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu eliphilayo, uGideyoni wayeselungele ukuthatha isinyathelo. Amen.

149 Kwase kuthi emva kokuba eselungele ukuthatha isinyathelo, Umnika izinkulungwane *eziningi kangaka*, Wathi, "Kunamagwala amaningi kakhulu phakathi lapha." Waqhubeka nje, waqhubeka, wabacija, ngoba wabathola owayekhona, uNkulunkulu ayebabizile. Kunjalo. Ngesinye isikhathi lapho sibona izinto zingahambi kahle, ziqathaka, mhlawumbe uNkulunkulu ulungiselela ibutho nje, yilokho kuphela, noma ezinye izilwi zilungele, ungeke neze washo. UNkulunkulu. . . Wayeselungele ukuthatha isinyathelo, ngenkathi ebona iZwi likaNkulunkulu eliphilayo, wayeselungele ukusebenzela kuLo. Lapho sibona uNkulunkulu ephila eZwini laKhe, khona-ke masilungele ukusebenzela kuLo.

150 Uma sibona o—owesifazane ophansi kakhulu kuze kube l'khuni ukuthi izinja zimbuke, futhi sibone uMoya oNgcwele uthatha lowo wesifazane futhi amqondise futhi enze inenekazi ngaye, madoda, besifanele silungele ukusebenzela kuleloZwi eliphilayo.

151 Ngobunye ubusuku egumbini, ngithemba ukuthi angithathi isikhathi senu esiningi kakhulu, nga—ngaya egumbini ngenkathi, umkhankaso omkhulu, futhi babenegumbi eliphindwe kabili kulosayizi eligcwele nje amajakhethi ezinhlanya, nokuhlanya, nezinto. Ngangena egumbini, kwakukhona omunye wabesifazane abahle kunabo bonke engake ngababona ehlezi lapho, inenekazi eliselincane, ngathi, "Sawubona?"

Futhi lathi, "Unjani, Mfowethu Branham na?"

Ngase ngithi, "Awu, angazi ukuthi ngiqale kuphi kuqala."

Lathi, "Mhlawumbe ngami."

152 Ngathi, "Ngawe na?" Ngani, lalingenhle, intombazane ebukeka ihlanzekile, amehlo amakhulu ansundu, futhi amahle, nezinwele ezinde zilengela phansi emhlane walo, futhi—futhi

lalingowesifazane obukeka emuhle ngempela. Ngase ngithi, “Awusiso isiguli.”

Lathi, “Yebo, ngiyiso.”

Ngathi, “Kulendawo yezinhlanya na?”

Lathi, “Yebo, Mnumzane.”

Ngathi, “Kwenzekeni na?”

Futhi lathi, “Awu, ngingathanda ukuba uzwe indaba yami.”

Ngathi, “Qhubeka ngqo, Dadewethu, ngingathanda ukuzwa.”

153 Lathi, “Awu, Mfowethu Branham,” lathi, “ngenkathi ngiseyintombazane,” lathi, “Ngakhuliswa ngabazali abangamaKristu ababemkholwa ngempela uNkulunkulu.” Futhi lathi, “Ngaya esontweni.” Kodwa lathi, “Khona manjalo ngahamba nomfana owayebhema,” laselithi, “kwenzeka ngathola ukuthi wayephuza. Futhi ngobunye ubusuku wayefuna ukungiphuzisa, futhi angikwenzanga,” lathi, “Ngempela ngangingeke ngikwenze. Futhi wangincenga ukuba ngidle uswidi othize,” noma, qhabo, “ngiphuze iCoke,” kwakuyiyo, “ngobunye ubusuku, futhi wayenento ethize kuyo.” Futhi lathi, “Ngangingaseyona intombazane enesimilo.” Futhi lathi, “Ngase ngicabanga, ‘Kusizani na?’” Lathi, “Ngavele nje ngalahla impilo yami, ngase ngiba ngunondidwa ovamile wasesitaladini.” Futhi lathi, “Khona-ke nge—nge—ngenza nje yonke into eyayingengeyinhle, ngaphuza, ngaba ohlulwa uphuzo.”

154 Futhi lathi, “Manje-ke omunye umuntu wangitshela ukuba ngishintshe inkolo yami, ngasuka ngaya eGood Shepherd’s Home ebandleni eliKatolika, ngashintsha inkolo yami. Bangithumela enhla lapho iminyaka emibili noma emithathu,” lathi, “Ngenze kahle, ngabuyela emuva ngaphuma.” Lathi, “Ngenkathi ngibuyela emuva ngaphuma, ngabuyela kukho ngqo futhi.” Futhi lathi, “Ngaqhubeka kanjalo cishe unyaka, umthetho wangiqukula wangithumela etilongweni labesifazane lokulungiswa isimilo, futhi ngachitha lapho iminyaka emibili,” laselithi khona-ke, “ngenxa yobuhlongandlebe.”

155 Futhi—futhi lathi, “Khona-ke mina, bese kuthi emva kokuba sengiphumile lapho, ngiyabuya,” laselithi, “Ngi—ngiyakutshela, Mfowethu Branham,” lathi, “lokho sekube cishe ezinyangeni ezimbili noma ezintathu ezedlule,” lathi, “Sengibuyile ngenza into efanayo engangihlala ngiyenza.”

156 Futhi ngathi, “Awu, lokho kuyihlazo.” Ngathi, “Owesifazane omuhle njengawe, awucabangi ngokuba nomyeni ngesinye isikhathi, nezingane, futhi njenganoma yimuphi owesifazane ubeyokwenza, onanoma yiliphi *inenekazi* ngalo na?”

157 Lathi, “O, yebo, Mfowethu Branham.” Lathi, “Ubani obengaba nami na?” Niyabo? Lathi, “Yini ebengingayinikeza

indoda na?" Lathi, "Mina, lutho kodwa impilo enonya, ngidakwe futhi ngiqhubeke nezinto." Lathi, "Yini ebengingayenza na?"

Futhi ngathi, "Awu, uNkulunkulu angakuqondisa lokho."

Lathi, "Mnu. Branham, ngikhulekile futhi ngaphenya amakhasi amasha nakho konke okunye," lathi, "A—a—angazi nje ukuthi yini indaba ngami."

158 Ngaqhubeka, nje ngibamba umoya walo ukubona ukuthi yini eyayingalungile, niyabo. Futhi nje ngaqhubeka nokubhekisisa imizuzu embalwa, futhi lathi. . . Ngathi, "Awu, manje, ngizokutshela, mhlampe mhlawumbe wena nami ngizokhuleka."

Lathi, "Kulungile, Mfowethu Branham." Lehla futhi sakhuleka.

Ngase ngithi, "Khuleka wena manje."

Futhi lakhuleka, lathi, "Nkulunkulu," futhi lakhuleka futhi lakhuleka. Emva kwesikhashana lasukuma futhi langibuka, lathi, "Awu, Mfowethu Branham . . . "

Futhi ngabeka isandla sami ehlombe lalo, ngase ngithi, "UNkulunkulu akubusise, Dadewethu."

Futhi laphakama, lathi, "Ngikholwa ukuthi sekuphelile manje." Lathi, "Ngizophuma lapha futhi ngizame ukuphila impilo ehlukile."

159 Ngathi, "Dadewethu, uzophuma futhi uphile impilo efanayo obuyiphila," Niyabo? Ngathi, "Uphenya ikhasi nje," ngathi, "akukalungi okwamanje." Ngakho ngathi, "Ake sikhuleke futhi."

160 Futhi sehla, futhi sasilokhu sikhuleka, emva kwesikhashana lashaya Into ethize. He, Kwashintsha, yebo, mnumzane, kusuka njengenganyana encane igqobha *umnyuziki* waze wenza umculo, yebo, mnumzane, unesigqi esithize kuwo, niyazi. Emva kwesikhashana lakhuleka ngempela, futhi emva kwesikhashana laqala ukudazuluka, nezinyembezi zehla kulezozihlathi ezipendiwe, phezulu, kanjalo, ngqo, ngenkathi liphakamisa lawomehlo amakhulu ansundu, langibuka, lathi, "Mfowethu Branham, kukhona okwenzekile."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

161 Yebo, mnumzane. Lishadile futhi linabantwana abathathu noma abane manje. Kwakuyini na? Lathatha uNkulunkulu futhi lahlala nakho kwaze kwathi empeleni kwenzeka okuthile. Yilokho-ke. Kukhona okwenzekile, iZwi eliphilayo liba yiqiniso eliphilayo kulo.

162 Futhi lapho uNkulunkulu etshala isithembiso saKhe kuwe futhi siba okwangokoqobo okuphilayo, khona-ke into ethize yehlukile. Awuhambi nje bese uthi, "Yebo, ngiyakukholwa," manje, lokho kulungile, udeveli ukukholwa kanjalo, kodwa

kuqinisiwe kuwe, ne li- . . . iZwi liba ngeliphilayo kuwe, khona-ke uqala ukubona ukuthi Liyini. Yebo.

163 UJohane umBhaphathizi, waye . . . Kuyaxaka, uyise kaJohane wayengumpristi, siyakwazi lokho, ukuthi wayengumpristi, futhi esikhundleni sokuphuma manje lapho u . . . Ngiqagele kwakuthi ukuba nzima kuye nonina uku— ukuthola lowoJohane omncane, ethenjiswe indlela ayeyiyo, futhi wayezoba yindoda kaNkulunkulu enamandla, kodwa babazi ukuthi babengasoze baphila ukuba bakubone, ngoba base beguge kakhulu. Futhi cishe eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala bathi uyise nonina bashona.

164 Futhi esikhundleni sokuba uJohane abuyele emuva e, ukuba afunde ubupristi, wayazi, uJohane wayazi, wayezomemezela uMesiya, ngakho esikhundleni sokwehla futhi afunde esikoleni, futhi athole iZiqu zobuCiko ne Ph.D., neLL.D., neQ.U.S.T, nakho konke okunye kwakho, niyazi, okuhambisana nakho, ngakho manje-ke, esikhundleni sokuhamba athole konke lokho, waphumela ehlane, ngoba uMlayezo ufanele uvele kuNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu . . .

165 Manje, wayazi ukuthi kuyobakhona zonke izinhlobo zezibonakaliso, nazo zonke izinhlobo za*lokhu*, ngoba kuhlala njalo kungaleyondlela, ubuqili nakho konke okunye, ngoba kukwenza nje ukufihla into yangempela. Kunenqwaba yabantu abaziphatha sengathi banoMoya oNgcwele, futhi baphume futhi baphile noma yiluphi uhlobo lwempilo, leso nje yisichuse esidala, ukuzama ukukwethusa sikususe entweni yangempela.

166 Zikuphi zonke izichuse na? Hhayi esihlahleni sama-aphula amuncu, esihlahleni sama-aphula amnandi, kunjalo, yilapho izichuse sikhona. Nodeveli ubeka zonke izinhlobo zezichuse entweni yangempela, akadingi ukuba akhathazeke ngomunye, abazukukukhathaza noma kanjani. Ngakho manje-ke, ba . . . Lapho unaleyonto yangempela, yilapho izichuse zivuka khona, yilapho idola-mbumbulu lisondele kakhulu khona, niyazi, ukudukisa nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka, kwasho uJesu, niyabo. Yilapho obhekisisa khona, ngqo ngakulowomugqa lapho, niyabo.

167 Ngakho manje-ke sithola ukuthi uJohane wayengafuni ukudideka kakhulu, ngakho walinda phandle lapho waze wezwa kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso uMesiya ayezoba naso. Ngakho uJohane wayesebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Behla base bethi, "Johane, ngabe wena unguMesiya na?"

Wathi, "Qhabo."

Bathi, "Ngabe wena uyi*lowo*mProfethi na?"

Wathi, "Qhabo."

"Ngabe wena unguJeremiya, u-Isaya, u-Eliya, noma yimuphi wabo na?"

168 "Qhabo." Wathi, "AngisuYe, kodwa Umi phakathi kwenu ndawondawo manje. Ukhona Oyedwa phakathi kwenu manje." Wayeqiniseke kanjani kangaka na? Ngoba wayazi ukuthi kwase kuyisikhathi ukuba iZwi likaNkulunkulu ligcwaliseke. Amen.

169 Ebesifanele sikwenze namhlanje, mfowethu... Sekuyisikhathi sokuthi iZwi likaNkulunkulu ligcwaliseke. Sekuyisikhathi sokuthi izibonakaliso zilandele ikholwa. Sekuyisikhathi seziNkanyiso zakusihlwa ukuba zikhanye. Sekuyisikhathi sikaJesu Kristu ukuba Azibonakalise enguye izolo, namuhla, naphakade.

170 Lokhu akusikho ukufundisa, lesi yisisho, khumbulani, ake ngikucaphune futhi, hhayi imfundiso, isisho, ukwenza umfanekiso: UNkulunkulu wabhala amaBhayibheli amathathu, elinye laWo lalisezibhakabhakeni, umuntu ukuba abuke phezulu ukuba aqonde uMdali wakhe uvela lapho, umgamu wezulu eliphezulu. Yini into yokuqala emgamweni wezulu eliphezulu na? Kuqala ngentombi. Yimuphi umfanekiso wokugcina emkhathini wezulu eliphezulu na? ULeo, ingonyama.

171 Okokuqala ukufika kukaKristu kwakungentombi, isikhathi esilandelayo Efika ngaso kungeNgonyama yesizwe sakwaJuda. Izinhlanzi eziphambanayo, unyaka womdlavuza, nakho konke, njengoba nikufunda konke, njengoba uJobe akutadisha, nani enifunda iNcwadi kaJobe, nizoqonda. Manje, udeveli, kusobala, uthatha futhi enze izinto ngalokho.

172 Bese-ke sibuyela kokulandelayo abakubiza ngokufundisa kwesivivane. Ungalokothi ukulandele, uneBhayibheli ozolilandela. Niyabo? Manje, okulandelayo kwakuyisivivane, kodwa uma nje uthola incazelo yangempela emva kwaso! Manje, bhekisisani isivivane ngonyaka webandla. Benazi yini...? Bukani e...Unayo imali eyiphepha eyidola na? Buka ngemuva kwayo. Kukhona isivivane, ngakolunye uhlangothi, kukhona uphawu lwe-United States. Kungani i-United States ingaqonda phansi kwesivivane, "UPhawu oluKhulu"? Buka nje ngenhla kwalelotshe elingaphezulu, elavala isivivane, futhi nizokubona kumi nokukhanya okukhanya ngakuso. Niyabo? Kwenzelani kube phezulu lapho na? Lolo wuPhawu oluKhulu.

173 Kungani lokho kunga...? Abazange babeke isivalo etsheni. Kade ngilapho esivivaneni. Kungani bengafakanga isivalo kuso na? Ngoba senqatshwa. Lelo kwakuyitshe legumbi, lapho onke amanye amatshe ayelinganiswe khona, kwakukhuluma ngonyaka webandla.

174 Bukani phansi le lapha onyakeni wamaLuthela, emuva le eningini, emuva lapho, ukuvuma nje ukuthi uKristu wayengowami, kusho nje ukuba ngumKristu, ukulungisiswa. Kwase kufika uWesley, ukungcweliswa, ukuncipha kancane,

ukungcweliswa. Bese-ke kufika iPhentekoste, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kuyini na? Ukulolonga, ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

175 Manje, Wenzani na? Lokho kuzofanele kulolongwe ngokuphelele kakhulu, ukuthi iBandla lingeniswa endaweni enjalo, ukuthi iTshe elizongena khaxa phezu kwaLo... Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lokho kulungisa iBandla. Futhi kukho konke yiBandla. Manje, lokho ku—lokho nje ku, lokho kwenza u—umfanekiso engikhuluma ngawo, ungazami ukungena kuwo.

176 Manje-ke, iBhayibheli elilandelayo, iBhayibheli langempela, yi*Leli*. *Leli* yiZwi lethu. Nje lezozibonakaliso nezinto ababenazo emuva lapho...

177 Kodwa qaphelani, ukuthi lelotshe liphelele kanjani, lenqatshwa, abazange balibeke phezulu. Kungani na? Futhi uma uya lapho, lawomatshe phezulu kulesosivivane elisinda izinkulungwane zamathani, ukuthi lilinganiswe ngokusondele kakhulu ungeke wafaka insingo, futhi akukho simende kulo, lilolongelwe ndawonye ngokuphelele. Manje-ke uma lokho kwakufanele kube kanjalo ukwenza unyaka ngamunye ulinganiswe ndawonye, khona-ke kuzoba yini lapho ukufika...?

178 Aniliboni iBandla lilolongeka na? ULuther, ukulungisiswa; uWesley, ukungcweliswa; bese-ke kufika uMoya oNgcwele. Futhi manje, iBandla liyalolongwa futhi lilungiswa ngaleyonkathi, lingenabala noma umbimbi, ukuze Lowo owayengenabala noma umbimbi ehle futhi aKuxhume ndawonye enzela ukuvuka, ukuba iBandla likaNkulunkulu ophilayo lindizele e...Ya. Niyabo? Yebo. Manje, siphila kulolosuku.

179 Manje, uJohane wayebheke lokho ukuba kufike, wathi, "NgiyoMazi, Uphandle lapho, angazi ukuthi Ukuphi. Umi phandle lapho."

Mhlawumbe omunye umbhishobhi wenyuka wayesethi, "Uyazi, kade nginomuzwa oyinqaba uhamba phezu kwami okwesikhashana, uyazi, mhlawumbe nginguMesiya."

Wathi, "Suka." Wathi uJohane, "AkusiYe lowo." Kulungile.

180 Nakhu kufika omunye, wathi, "Awu, uyazi ukuthini? Nginesiqu esiphakeme kunazo zonke, nginguKayafase, umpristi omkhulu, uma bekuyoba khona noma ubani ogcotshelwe uMesiya, indoda, bekuyoba yimi."

181 "Qhabo, qhabo, qhabo. Qhabo, lowo akusuYe." Kodwa uJohane wathi, "Owangitshela ehlane ukuba ngihambe ngibhaphathize ngamanzi wathi phezu kwaKhe eNgiyobona uMoya wehla futhi uhlala kuye, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

182 Futhi khumbulani, uJohane wakubona futhi akukho-muntu omunye owakubonayo. Kwakuyisibonakaliso esanikwa uJohane

ukusibona, futhi wasibona, noJohane wayeqinisekile, nesizathu sokuba akwazi ukumemezela, "Lowo nguMesiya!"

"Ungaqiniseka kanjani na?"

"Ngilandela iZwi likaNkulunkulu."

183 Ngingaqiniseka kanjani ukuthi lendoda iyikholwa na? Ngilandela iZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Hhayi ngoba uneZiqu zobuNgcweti, ngoba une Ph.D., noma iLL.D., noma umbhishobhi, umpristi, ukhadinali, noma uphapha. Niyabo? Lokho akuhlangene ngalutho nakho, lokho ngamasiko enziwe ngumuntu. Haleluya!

184 IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni," khona-ke baze bakuphike, niyabo, "bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, babeke izandla phezu kwabagulayo futhi bayosinda." UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

185 Hlobo luni lwemisebenzi Ayenzayo na? Nakho lapho okhona. Ngabe Wahlela isikole na? Adedele abafundi baKhe bayofunda esikoleni na? Ngabe Wafundisa uPetru imfundo na? Wayengakwazi ngisho nokubhala igama lakhe uqobo. IBhayibheli lathi yena noJohane wayengesibo abangafundile kuphela kodwa babengazi lutho.

186 Bengazi lutho futhi bengafundile, kodwa babenokuthile ababengakunikela endodeni, isiliva negolide, babengakukhathalele, akukho-mfundo, "Kodwa enginakho, ngizokunika khona: EGameni likaJesu Kristu sukuma uhambe." Haleluya! Lokho kwakuyizincwadi zabo ezibachazayo. Yilokho ababekudinga. Babelandela iZwi likaNkulunkulu, khona-ke babona isimangaliso sikaNkulunkulu, ngenkathi belandela iZwi likaNkulunkulu.

187 UPawulu, ehlezi, eshumayela ngesinye isikhathi, wayebone indoda eyayinokukholwa, wathi, "Ngiyabona ukuthi unokukholwa ukuba uphulukiswe. Sukuma." Kwakuyilokho-ke. Yebo, mnumzane. Kwaku. . . Wayeyini na? Uyafuna ukubona isimangaliso sikaNkulunkulu na? Landela iZwi likaNkulunkulu.

188 Ngokushesha, uMarta, o, he, into encane bandla yayidabukile, wayeshiye ibandla lakhe elikhulu, yena noMariya, babegcine uJesu, baMenzela indawo encane eBethaniya, emva kokuba Waye, engenandawo yokuhlala, baMnika ikhaya lapho kanye nabo, naye, noMarta, noMariya, noLazaru. Futhi babecabanga ukuthi ngempela WayenguMesiya, nakho konke lokhu. Nomfowabo wagula.

189 Niyabona ukuthi uNkulunkulu uzivumela kanjani izinto zenzeke na? Nje akudabule wonke ube yizicucu ukukuvivinya. Wonke umntwana oza kuNkulunkulu ufanele avivinywe futhi ahlolwe-. . . "Ningacabangi ukuthi kuxakile, bathandekayo, lapho kufika ukuvivinywa komlilo, konke kwenzelwa ukufakazisa ukukholwa kwakho." Niyabo?

190 Futhi ngakho uJesu wahamba, futhi Wathi Wayehamba. Futhi ngakho-ke bathumela kuYe, bathi uLazaru uyagula, ngakho bathumela, bathi, "Lowo Omthandayo uyagula." UJesu akazange akunake nakancane kunalutho, waqhubeka ngqo, waya komunye umuzi, neziningi izigijimi zafika zase zithi, "ULazaru uyagula, uselungele ukufa, buya." UJesu wavele wakushaya indiva sengathi akwenzekanga lutho, waqhubeka ngqo.

191 Niyabo, wayesevele ebonile ukuthi uBaba wayezokwenzani, ngoba Wathi kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ize Ibone uYise ekwenza. Futhi lokho uBaba akubonisa iNdodana, yilokho I. . . Ngiyasebenza-. . . Yona iyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Niyabo? "Ngenza kuphela lokho Angikhombisa ukuba ngikwenze."

192 Manje, Akaqambanga amanga, Akakwazi ukuqamba amanga, Akazange enze nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu waze kuqala waMkhombisa, ngombono, ukuthi akenzeni, uJohane oNgcwele 5:19. Uma kungenjalo, leloZwi linephutha, khona-ke uma Linephutha, nhloboni yeBhayibheli esilifundayo na? Niyabo? Lonke liphefumulelwe, kulungile, niyabo, kodwa Wakwenza, nakho konke okwabaprofethi, njengoba nje uNkulunkulu wabakhombisa ukuthi bafanele benzeni.

193 Wadlula futhi waphulukisa leyondoda ilele lapho eyayinenkathazo yendlala yesinye, noma iTB, noma *into ethize-enye*, yayineminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili, kwakubophekile, kwakungeke kuyibulale. Washiya izinkulungwane zilele lapho izinyonga, izimpumputhe, izishosha, nabashwabeneyo, wahamba wasuka ngqo kubo ngoba yilokho. . . Wathi Wayazi ukuthi umuntu wayekade ekulesosimo ngalesosikhathi. Niyabo? Wayesebatshela-ke, "Ngingenze lutho uBaba aze aNgikhombise ukuthi ngenzeni."

194 Manje, siyathola, kusobala lokho kwakuyiphutha elikhulu, bacabanga, lokho, ngokumelene naYe, kodwa Wasebenza kuphela ukuthokozisa uNkulunkulu. Futhi noma yimuphi umuntu okhonza uNkulunkulu uzothatha isinyathelo sokuthokozisa uNkulunkulu, uyokwenza lokho uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze, ngokuphelele.

195 UMarta, wayazi ukuthi Wayenguye. Emva kwesikhashana. . . Manje, uMarta, babekade besho ukuthi wayengenjalo, wayelibala nezinto mayelana ngokugcina indlu

yakhe ihlanzekile, kodwa ngenkathi kufika elamanqamu, wakhombisa ubunjalo bakhe. Yebo, mnumzane. UMariya wayehlezi ekhala izinyembezi, ngoba umfowabo wayesefile, kodwa uMarta waphuma futhi wahlangana neZwi eliphilayo. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

196 WayeyiZwi likaNkulunkulu eliPhilayo, kunjalo, iZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Akumangalisi Wayekwazi ukuma futhi ehlulele imicabango yabantu. Manje, iBhayibheli lathi . . . Wena wathi, "O, ngabe lelo yiZwi na?"

197 Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Anilazi iBhayibheli na? AmaHeberu 4 athi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lihlukanise umnkantsha wethambo, lahlulela imicabango yenhliziyo," iZwi likaNkulunkulu, lapho Likuwe. Yebo, mnumzane, niyabo. IZwi likaNkulunkulu libonakaliswe kuYe.

198 Ngakho uMarta, ngenkathi enyuka futhi wawa phansi ezinyaweni zaKhe, wayesethi, "Nkosi," *Nkosi*, yilokho Ayeyikho, "ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga." Wathi, "Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoyenza." O, nakho lapho okhona, nakho lapho okhona, "Akunandaba ukuthi Wenzeni, isimo saKho sokuziphatha, Ulandela lokho uNkulunkulu athi kwenze, noma ngabe Usho *lokhu* noma *lokho*, noma ngabe Ufikile, noma awufikanga, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona."

Wathi, "Umfowenu uyakuvuka futhi."

Wathi, "Yebo, Nkosi, uzovuka ngezinsuku zokugcina. Uzovuka, wayeyindoda elungileyo, uzo—uzovuka ekuvukeni kwabantu bonke."

199 Wathi, "NGINGUkuVuka nokuPhila, okholwa yiMi, noma efa, wophila." Akekho owayengasho lokho ngaphandle kwaKhe. "Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

Wathi, "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ebizakuza ezweni." Nakho lapho okhona.

200 Kuyini na? Uthatha isinyathelo. Ufuna ukubona isimangaliso, ngakho uthola ukuthi iZwi lithini. "Ngiyalikholwa iZwi, Limi lapho esimweni seNdodana kaNkulunkulu. AmaZwi aKhe alisilo elaKhe, 'AkusiMi engikhulumayo, kodwa nguBaba ohlezi kiMi.' Noma yini evela kulezo zindebe ezincane zaKho ezikhulumayo, ngizokholwa ukuthi Kungumyalo kaNkulunkulu." O, mfowethu! Mm! "UnguMesiya." Yini uMesiya na? Ogcotshiweyo. Niyabo? "Ungogcotshiweyo kaNkulunkulu."

201 UNkulunkulu wayenogcotshiwe ngesilinganiso esincane ngolunye usuku, negama lakhe kwakungu-Eliya, Futhi

kwakukhona u, noma, u-Elisha, nowesifazane wayenengane futhi yafa, futhi wenyukela kulenceku kaNkulunkulu, wayesethi, "Wena muntu kaNkulunkulu," wamqonda, nalowo ogcotshiweyo kaNkulunkulu uyafika futhi wahamba wadabula kwiphansi lendlu, o, he, wabeka umzimba wakhe phezu kwaleyongane encane efile, futhi yathimula kasikhombisa futhi yaphila.

202 Futhi uma uNkulunkulu enza lokho ngomprofethi waKhe ogcotshiweyo, Uzokwenza kakhulu kangakanani ngo-Imanuweli na? "Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu." Uma uke wathola noma yini kuNkulunkulu, ufanele ukholwe inceku kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Futhi WayeyiZwi. "Ngiyakholwa, ngitshele nje ukuthi ngenzeni."

203 "Nimbekephi na?" Washo Waya phansi ethuneni, ekhala izinyembezi njengomuntu. Ngenkathi Efika ezansi lapho, Wathi yenza ini manje lapho ufika lapha na? Niyabo, banokuthile okufanele bakwenze nabo, niyazi. Wathi, "Susani itshe, uma nifuna ukubona isimangaliso."

204 Nina bantu abagulayo kulobubusuku, uma nifuna ukubona isimangaliso, susani itshe. Susa lelotshe, lesosono esilele emnyango. Yini na? Uthi, "Mfowethu Branham, angenzi lutho." Kodwa uma ungakukholwa, ngeke kwenzeke. Susa lelotshe lokungakholwa futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani, susa itshe nje. Futhi ngenkathi elalela iZwi leNkosi, wabona isimangaliso. Impela.

205 Owesifazane emthonjeni, wayethi ukuba ngaphansi. . . wayengazi ukuthi athini. Wabona lomJuda ehlezi lapho, "Manje, kuyaxaka ukuthi leloJuda liyokhuluma nami, ngingowesifazane waseSamariya. Ngiyamangala ukuthi yini imbangela yaLo na?" Wathi, "Awu, nithi, nina maJuda nithi, 'Khuleka eJerusalema,' obaba bethu babekhonza kulentaba."

206 Wathi, "Sifazane, ngiyakutshela manje, ukuthi naseJerusalema, noma kulentaba, kepha uNkulunkulu unguMoya, nabakhuleka kuYe bafanele ukukhuleka ngoMoya nangeQiniso."

207 Wayazi ukuthi lokho kwakuzwakala kahle. Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu woyedwa, UnguNkulunkulu wakho konke, konke okudaliweyo kwaKhe. Yebo, mnumzane. Ngakho wabuka. . .Niyazi, uhlanga lwakubo nesizwe nebala kwakungahlangene ngalutho, uNkulunkulu wabenza bonke, "UNkulunkulu ngomuntu oyedwa wenza zonke izizwe ngo-Adamu." Lapho sithola ukuthi umbala wesikhumba ne, isiko labo, noma ubulungu babo bebandla babungahlanganisi lutho nakho, yinhliziyo eqotho Ayibhekile.

208 Ngakho Wabuka phansi lapho. . .Futhi wabona futhi, wathi. . .Bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, ngenkathi

Exhumana naye futhi wathola ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, yena kade ehlala nendoda okungesiyo, futhi Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

209 Waphenduka. Ini? Wayehlangane neZwi eliPhilayo. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, asazi nganoma yimuphi umprofethi ngalolusuku evuka, kodwa siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, lokho kuzoba yisibonakaliso Azosikhombisa sona. Uzositshela lezizinto."

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." O, he!

210 Wabonani na? Umuzi wonke uphendukela kuNkulunkulu. Kungani na? Walandela iZwi leNkosi. "NginguYe okhulumayo."

211 Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Asifunde imiBhalo. Alisho yini iBhayibheli ukuthi lokho kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya na? Wozani, nibone uMuntu phandle lapha ongitshele zona impela izinto engizenzayo."

212 Wazi kanjani na? Njengoba kwenza uJohane nje. Wazi kanjani ukuthi Umi phakathi kwenu na? Ngunyaka wakho. Wazi kanjani ukuthi kunjalo na? Lowo nguye impela uMesiya, ngoba sekuyisikhathi sikaMesiya ukuba abonakale.

213 Aniboni ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sekuyisikhathi sokuba leliBandla lime ngezinyawo zaLo. Sekuyisikhathi sokuba inhlangano yamaPentecostal ivuke. Zidonse usuke emasikweni akho ozinyakazisa ungene kuwo. Zinyakazise, bese ucela indlela endala. Shaya uthuli lobufundisi basesontweni lusuke kuwe uqobo, sukuma eGameni likaJesu Kristu. Sukumani, futhi nithathe uNkulunkulu eZwini laKhe futhi nimashe niye phambili.

214 Uma uNkulunkulu enathi, ziphi izimangaliso zaKhe na? Zikuphi na? Sizibonaphi lezozibonakaliso na? Uma uNkulunkulu ekuwo onke lamabandla nalemibhoshongo emikhulukazi yobufundisi basesontweni, kanjalonjalo, nawo wonke lama Ph.D. nezinto, ngikhombise izimangaliso zaKhe. Uphi uNkulunkulu na? Udumo! Kunjalo. Uphi uNkulunkulu na? Ziphi izimangaliso zaKhe na? Lapho uNkulunkulu ebonakala khona, Ungaphezu kwemvelo, izibonakaliso zaKhe ezingaphezu kwemvelo zilandela uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo. UNkulunkulu u . . . Zikuphi zonke izimangaliso zaKhe na?

215 Wasibona isimangaliso sikaNkulunkulu, isibonakaliso sikaMesiya. Wabangela umuzi wonke, iBhayibheli lasho ukuthi onke amadoda, uJesu akabange esakwenza, bakholwa ngubufakazi bowesifazane. Waba nenhlanhla ngaleyonkathi yokuholela wonke umuzi kuKristu, ngoba walandela iZwi

laKhe nelaKhe, futhi wabona ukuthi Wayengenza isimangaliso, wazi ukuthi kwakuyiso.

216 Abantu bePentecostal, ikhulu namashumi amabili lamaPhentekostali, abahambayo, emva kokuba sebeMkholiwe, ahamba futhi aMlalela, alinda ekamelweni eliphezulu aze embathiswa aMandla avela Phezulu. Amagwala, adonsela phansi izisitho zamawindi, avala amafasitela, ikamelo elincane elingaphezulu, baphumela ngaphandle kwethempeli, bakhuphukela eceleni futhi bangena emnyango, phezulu lapho izinsuku eziyishumi nobusuku, belindile nje.

217 Mfowethu, ngenkathi iZwi libonakaliswa, baphuma ngamafasitela neminyango futhi baphumela esitaladini, kukhona okwakwenzekile. Ngani na? Babebone isimangaliso, babone iziNkanyiso, njengeziNkotha zoMlilo, zihlezi phezu kwalowo nalowo wabo. Bezwa amandla kaMoya oNgcwele ezamazama. Babona kokubili futhi bezwa, bazi ukuthi kukhona okwenzekile. Bagijima baphuma ukuzama ukufakaza ngakho futhi abakwazanga ngisho nokukhuluma ulwimi lwabo uqobo. Kukhona okwenzekile.

218 Isithathu ngufakazi. Bakuzwa, bakubona, futhi bakubhekisisa kuzibonakalisa, bakuthinta, bakubona, futhi bakuzwa. Amen. Isithathu ngufakazi. Futhi Wayelapho-ke, nokho, bayakubona. Kuyafana manje, zonke ezezithembiso zaKhe, uma ufuna ukuzibona zibonakaliswa, into kuphela ofanele uyenze ngukugcina iZwi laKhe nje. Lalela iZwi laKhe futhi Uzokwenza. O, he. Kulungile.

219 Uma uphuma lapha nganoma yiluphi usuku, uma isikhathi sikahle osukwini. . .Niyakholwa ukuthi sekuyisikhathi sokuba uMesiya abonakale na? Niyakholwa ukuthi sekuyisikhathi seBandla ukukhombisa uBukhona baKhe, ukukhombisa uBukhona bukaKristu na? Futhi nje esikhundleni se. . .ufuna ukuya esontweni futhi ujoyine ibandla futhi uthi, "Thina maPresbyterian," "Thina maBaptisti," "Thina maMethodisti," "Thina maPentecostal," "Thina *S'bani-bani*," futhi "Thina, si—si—siyibo, si—sina*lokhu* futhi sinakho *lokho*." Lolosuku lufile njengaphakathi nobusuku, kunjalo, niyabo, ukwenza lokho nje. Kunjalo. Kodwa sekuyisikhathi seziNkanyiso zakusihlwa ukuba zikhanye, njengoba iculo lithi, "Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa." Sekuyisikhathi salezoziNkanyiso zakusihlwa ukuba zikhanye, lesi yisikhathi.

220 Manje, yini ezobavimba ukuba bangakhazimuli na? Uphuma noma ngaluphi usuku, noma ngaluphi usuku ofuna ngalo, futhi nje uhlehlise onke amafu, nelanga liyakhanya noma kanjani. Ilanga likhanya ngaso sonke isikhathi, nje susa amafu. UNkulunkulu ofanayo owaphulukisayo, uNkulunkulu ofanayo owagcwalisa ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo, wenza zonke izithembiso, yi, iN-d-o-d-a-n-a kaNkulunkulu

ikhazimula ngazo zonke izikhathi, susa nje amafu okungabaza. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

221 Kodwa sinenqwaba yamafu obufundisi basesontweni aMsithibeze kithi. Inqwaba yehlelo nombhedo kuvimbele uKristu kithi. Nje kuphephezelisele emuva, ngomkhuleko, onke alawomafu amadala futhi ubone ukuthi uKristu akabonakali yini efana njengoba Wayelokhu enjalo, uma Engaveli ekuKhanyeni okufanayo, amandla afanayo, izibonakaliso ezifanayo, isimanga esifanayo, nibone ukuthi Akayena yini uMesiya ofanayo. Amen. Shaya onke amafu aye emuva, uwavayizelisa nganxanye, ubone ukuthi akunjalo yini. Impela. Uma u. . .Kodwa into yokuqala ozofanele uyenze ngukukholwa futhi uthathe isinyathelo. Manje, lokho ngukuthi, i, kunjalo.

222 Iqhawe elinamandla laliqinisile, "Uma uNkulunkulu enathi, khona-ke asibone izimangaliso zaKhe." Ziphi zonke izimangaliso na? Ziphi izibonakaliso na? Uma uJesu Kristu enguye izolo, naphakade, pho siphi isibonakaliso sokuthi Usenguye na? Wethembisani na? UJohane oNgcwele 14:12, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ikuphi na? Wakwethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," ngenkathi uNkulunkulu ehla. Asazi neze ukuthi lowoMzimba wayaphi.

223 Kwakukhona ezintathu zazo, iziNgelosi ezintathu. Enye yaZo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe ehla esesimweni somuntu, wama lapho futhi wadla no-Abrahama. Kunjalo. Wama lapho futhi wakhuluma no-Abrahama mayelana ne con-. . .izinto, Wathi, "Angizukumfihlela lokhu u-Abrahama. Ngehlela eSodoma, ngezwa ukuthi kubi kabi, ngiyehla ukuyothola." U-Abrahama waMphakela ubisi, isinkwa sommbila, amaqebelengwana, niyazi, isinkwa sommbila, namaqatha enyama yenkonyane, futhi Uyakudla. Kunjalo.

224 Wena uthi, "UNkulunkulu uyakudla lokho na?" UJesu uyadla emva kokuvuka kwaKhe. Impela, Ukwenzile. Impela. Wama lapho futhi wakudla. Abanye babo bathi, "Lowo kwakungesuye uNkulunkulu." Awu-ke, u-Abrahama wayenephutha ngaleyonkathi, waMbiza ngo, "Elohim." Wakwenza, KwakunguNkulunkulu.

225 Nkulunkulu, Wayenzani na? Wayekhombisa okuthize. Njengoba nje Waxosha isigqilakazi nomntwana waso, ukuthi i, owesifazane okhululekile nomntwana wakhe, yingalesosizathu u-Abrahama wayengafuni ukushada noHagari. Kodwa Yena. . . yena owesifazane. . .Wathi, "Mshade. Lalela lokho uSara akutshela khona," ngoba kwakufanele kugcwaliseke.

226 Umprofethi wayefanele alale ngohlangothi lwakhe izinsuku *eziningi kangaka* ezingamakhulu amaningi, nolunye uhlangothi. Ini? Okwesibonakaliso. Futhi Wayekhombisa isibonakaliso lapho. UNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, wathi, uJesu

waphenduka, iNdodana yaKhe, ngenkathi Efika emhlabeni futhi wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, bedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kuyoba yilokho okuyoba yikho ekupheleni kwesikhathi, futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

227 Njengoba ngishilo izolo ebusuku, njalo kukhona imisuka emithathu: abangakholwayo, abazenzisi namakholwa. Futhi kwakukhona abaseSodoma, ongakholwayo; kwakukhona uLoti, umzenzisi; futhi kwakukhona u-Abrahama, iBandla elikhethiwe, elibizelwe ngaphandle. Niyabo?

228 Nakhu sihlezi namhlanje, nakhu lapha esikhona namhlanje, nango ongakholwayo, abaseSodoma, babuke phandle lapho, abesifazane behamba ezitaladini begqoke izikhindi, bebhema osikilidi, bephungula izinwele zabo, bazibiza ngamaKristu. Yebo. O, he, benza zonke lezi uhlobo, nokho, bazibiza ngamaKristu, o, yebo, mnumzane, amaphathi, besina. Amadoda aphendukezelwe, ngithola izincwadi emva kwalapho... ubungqingili buyanda. Niyayibona i...Ngithola izibalo zikahulumeni ngakho, kwenyuke amaphesente angamashumi amathathu ngonyaka odlule. Impendukezelo, inkambo yemvelo yokuphila komuntu iphendukezelwe, iSodoma. Bukani abandayo, agcina umthetho ngegama nje angena kukho, ngokufanayo nje, ebhuquza nezingulube.

229 Bhekisisani lesosithunywa esehlela lapho, ezimbili zazo, uBilly Graham wesimodeni, njengoba kwakunjalo, eshumayela futhi ebaphuphuthekisa ngeZwi. Kwase kuthi-ke kwakukhona iBandla elingakwenzanga lokho, elabizelwa ngaphandle, iBandla elikhethiwe. Udumo, udumo! IBandla elikhethiwe, u-Abrahama neqembu lakhe, Yini eyabonakala kubo na? IsiThunywa esabonakala ku-Abrahama, wambiza ngegama lakhe uNkulunkulu ayemnike lona ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambili, kusukela ku-Abrama kuya ku-Abrahama, kusukela kuSarayi kuya kuSara. Futhi wathi, "Uphi umkakho, uSara na?" wabiza igama lakhe.

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

230 Wathi, "Ngizokuvakashela, Abrahama, ngokwesithembiso eNgakwenzela sona, isikhathi sokuphila noSara." NoSara wahlekela ngaphakathi, uhlobo *olunjalo*. Wathi, "Uhlekeleni uSara na?" Kwakuyini na? KwakunguNkulunkulu.

231 UJesu kakhulu impela njengoba washo, ngaphambi kokuba kufike isikhathi ukuthi leloBandla elikhethiwe, leloQembu lePentecostal...Manje, iPhentekoste alisiyo inhlangano. Manje, nina bafowethu onePentecostal Assemblies, iPentecostal Oneness, iPentecostal Church of God, iPentecostal Foursquare, nakho konke lokho, niyazikhohlisa, leyo yinhlangano, okungukuthi ilungile, angimelene ngalutho nayo, kodwa anisilo iQembu.

232 IPhentekoste isehlakalo ukuthi iMethodisti, iBaptisti, amaPresbyterian, ukuthi—ukuthi i-Assemblies, neFoursquare, neChurch of God, ne, ngani, iJesus' Name, nabo bonke abanye babo bangaba nakho, uma nje bezolalela iZwi likaNkulunkulu futhi balandele Yena. Bayobona isimangaliso sikaNkulunkulu esizoguqula impilo yabo, nezinto ziyowa futhi bayoba . . .

233 IMethodisti ingaba nakho, iKatolika ingaba nakho, iPresbyterian ingaba nakho. Mangaki amaKatolika, owake waba yiKatolika na? Phakamisa isandla sakho. IKatolika lingebe nakho na? Mangaki amaBaptisti, kanye nami na? AmaPresbyterian na? Niyabo? O, qhabo, ngeke sakuhlela. Liya ndawo zonke futhi lithola, "Othandayo makeze futhi aphuze eMthonjeni we . . . " Kunjalo. O, yebo, mnumzane. Niyabo?

234 Manje, leloBandla elikhethiwe, bonke bahlala ndawonye, niyabo, bonke, kodwa leloBandla elikhethiwe lizosibona lesosibonakaliso. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Sekuyisikhathi sokuhlwa. Uphi uNkulunkulu na? "Uma uNkulunkulu enathi, ziphi izimangaliso na?" Manje, amaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla naphakade." Niyakukholwa na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

235 Baba waseZulwini, iqembu elihle kangaka labantu ukukhuluma nalo, futhi ngingahle ngingaphinde ngithole lenhlanhla futhi, ngingahle ngingaphinde ngibe lapha, O Nkulunkulu, singahle singaphinde sikubone ukusa kufika. Isayense izama ukusitshela ukuthi kunezinkanyezi ezinhlanu ezizowa ndawonye, yingakho bethi, lonke izwe, izizwe, ziba yiqeqeba lamakhaza ngapha kwezwekazi. Nansi iPhoenix nezimvula ezinkulu nesimo sezulu abangakaze basibone. Basho ukuthi izinkanyezi ezinhlanu zihamba ndawonye ngaleya. Abanye bathi izwe lizoqhuma njengekhabe, asikukholwa lokho, Nkosi, kusazobakhona isikhathi seminyaka eyiNkulungwane okwamanje. Kodwa abanye bathi kuyoba khona ukuzamazama komhlaba okuyozamazamisa izindlu yonke indawo, abanye babo bathi amagagasi amakhulu olwandle azohamba amafidi angamakhulu amathathu emoyeni ezinsukwini ezimbalwa ezizayo.

236 Izwe liyathuthumela. "Kuyobakhona izibonakaliso ezesabekayo," Wena wathi, "ngezinsuku zokugcina, izinto ezibonwayo, izibonakaliso ezulwini nasemhlabeni, umlilo, nokuthunqa, nezinsika zomusi, ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, inhliziyo yamadoda yehlulwa ukwesaba." Kodwa ngalesosikhathi, Nkosi, Wena wathi, "Phakamisa ikhanda lakho, ukuHlengwa kwakho kuyasondela."

237 Manje, Baba, sizophakamisa ikhanda lethu, kulobubusuku, ngaphezu kwenhlangano yethu, ngizophakamisa ikhanda lami ngaphezu kweqembu engingowalo, iChristian Business Men. Ngifuna wonke umuntu, yonke iMethodisti iphakamise ikhanda layo phezu kwayo, yonke iBaptisti, yonke i-Assembly, yonke iFoursquare, i-Oneness, noma iJesus' Name, kumbe noma ngabe bayini, Nkosi, baphakamise ikhanda labo ngaphezu kwakho. Bheka phezulu ngaleya lapho uJesu asho khona, bukani ukuthi Wathini, "Uma Mina, uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngizodonsela bonke abantu kiMi."

238 O Nkulunkulu, asiMbone ehlezi ngaleya, ngakwesokunene soMkhulu kaNkulunkulu, ehlezi lapho esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, kulobubusuku, ephila njalonjalo, umPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

239 Nkosi, ngisanda kuqeda ukushumayela, lapho umprofethi, noma umshumayeli ephuma futhi ashumayele iZwi, futhi uma Lingafezeki khona-ke ningamuzwa lowomprofethi, yilokho iZwi laKho elikushoyo, kodwa uma Likwenza, lifezeka, khona-ke muzweni lowomprofethi, "ngokuba Nginaye."

240 Nkosi, ngishilo kubantu, kulobubusuku, ukuthi UnguJesu ofanayo, izolo, namuhla, naphakade, Isikhathi sakho sesiseduze neziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya, nazo zonke lezizinto engizimememezele.

241 Manje, Baba, nikeza iqembu phandle lapha elinokukholwa manje ukukukholwa. Makuthi ukukholwa okwakukuKristu, umqondo owawukuKristu, ungene kithi. Futhi uma sinomqondo kaKristu, uma ngingaba nomqondo waKhe kimi kulobubusuku, kukhona owesifazane omncane ohlezi phakathi lapha, mhlawumbe, ndawondawo, onomopho, ongathinta umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

242 Manje-ke uma umqondo waKhe ukithi, Uzokwenza ngendlela efanayo, ngoba UngumPristi oMkhulu. Futhi UyiZwi likaNkulunkulu, UyiZwi likaNkulunkulu, futhi uma iZwi likaNkulunkulu lihlala kithi, khona-ke Libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, ukushumayela izintshumayelo eziyosika kuze kuyofika emnyombweni, eliyokwendlala izembe empandeni yomuthi, futhi LinguMahluleli futhi wemicabango yenhliziyo.

243 Manje, Baba, iZwi laKho malaziwe. SiyaLikholwa, lelibandla elincane liyaLikholwa, Nkosi, lababantu bayaLikholwa, lomelusi uyaLikholwa, laba abanye abelusi bayaLikholwa. Sindawonye, kulobubusuku, ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Wathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngizobakhona phakathi kwabo. Nemisebenzi engiyenzayo Mina, nabo bayakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona,

nokho, nizoNgibona nina," ikholwa, "ngokuba Ngizoba nani yonke indlela kuze kube sekupheleni kwezwe." NgiyaKukholwa, Nkosi, Unguwe izolo, namuhla, naphakade.

244 Manje, Baba, ngaleliqembu elincane ngizobiza umugqa womkhuleko ukukhulekela abantu. Ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu okulendlu, kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lababaprofethi, abahlezi lapha emsamo, abaprofethi phandle lapho emhlanganweni, amadoda amesabayo uNkulunkulu, amadoda abiziwe, amadoda ahlukanisiwe, nezinto zezwe, abesifazane abahlukanisiwe, amantombazane asemancane ahlukanisiwe, abafana abancane abahlukanisiwe, kuwo wonke lomculo wokuzibinya nombhedo wezwe, amanenekazi amancane nabanumzane abahloniphekile ogcwaliswe ngoMoya ngempela, ongawamabandla eVangeli eligcwele, avumela ukukhanya kwawo kukhanye, abesifazane abebengeke babheme usikilidi noma benze noma yini engalungile ngalutho, beqinisile futhi bethembekile kuKristu nakumyeni yabo, abayeni abaqinisile kuKristu nomkabo nomndeni wabo. . .

245 Nkosi Nkulunkulu, u-Abrahama wama ngeqiniso kuWe phezu kwesithembiso saKho, iNzalo ka-Abrahama, esiyiyo ngokukholwa kuKristu, simi ngeqiniso esithembisweni, futhi Wazazisa Wena uqobo ku-Abrahama ngaphambi nje kokuba indodana ethenjisiwe ibonakale, indodana ethenjisiwe yafika emva kwalesosibonakaliso, manje, Baba, sibheke iNdodana ethenjisiwe, makubonakale isibonakaliso. Siphe khona, Nkosi. Ngaleyonkathi nje uMlilo wehla, futhi sikubhekile noma ngasiphi isikhathi, isibonakaliso sokugcina, kwangathi kungaba njalo, Nkosi, njengoba sonke sizinikela.

246 Ngithatha lelibandla elincane ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, naseGameni likaJesu Kristu, sizethula kuWe, ukuze sikwazi ukuKubona lapha, Nkosi, obubonakalayo, ubufakazi obubonakalayo obuphilayo ukuthi uJesu Kristu usaphila. Siphe khona, Nkosi.

247 Busisa lelibandla elincane nomelusi walo omncane othandekayo, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, uBukhona baKho buzohlala njalo buhlale lapha, namandla kaNkulunkulu azoshanela idolobha lisuke kulendawo. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

248 Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside kangaka, lokho kul'khuni kabi kabi futhi kuyasika kanjalonjalo, futhi noma ubani uyazi, ongizwayo ngishumayela, ukuthi angisuye umshumayeli. Ngi—ngi—ngi, anginayo imfundo yokuba ngumshumayeli, noma ngizibize ngoyedwa, kodwa, Mfowethu, Dadewethu, ngiyayithanda iNkosi uJesu, Inginike enye indlela yokunazisa ukuthi nginitshela iqiniso. Lokho okuncane enginakho, ngiyazi ngaYe, angazi kakhulu kangako ngaYe,

kodwa engikwaziyo ukuthi kungokwangempela, mina, kuyikho ngempela *kakhulu* nje. Ngifisa ngabe ngiyazi ukuthi abanye abantu bebazini ngaYe, mhlawumbe khona, bengingakwenza, Ubeyoba ngokoqobo kakhulu kimi uma bengingaMazi ngenye indlela, kodwa, njengoba ngazi kakhulu ngaYe, ngiyazi Ugcina lonke iZwi engaziyo ukuthi Ulethembisile, Ngiyazi ukuthi LiyiQiniso. UNkulunkulu anibusise.

249 Manje ake sicule nje ikhorasi elilodwa elincane leculo, *Ng'yaMthanda*. Bangaki olaziyo leloculo elidala na? Kamnandi nje ngempela manje, ukuMkhonza ngoMoya manje:

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje, ngenkathi udade eshaya lokho kamnandi. . . [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

250 Beka umqondo wakho nje kuYe manje. Lapho beqala ukucabanga ngaYe, uKleyophase nomngani wakhe babehamba ngolunye usuku bekhuluma ngaYe, futhi Waphuma ngqo, wahamba nabo usuku lonke, babengaMazi, kodwa ngenkathi Ebavalele phakathi, esakhiweni esincane njengalesi, Wenza into ethize njengoba Enza ngaphambi kokuba Abethelwe, akekho omunye umuntu owayengakwenza kanjalo, futhi bazi ukuthi kwakunguYe. Kodwa Wanyamalala emehlweni abo, waphuma ngomnyango emzuzwini nje. Niyabo? Babazi ukuthi iNkosi yayivukile.

251 Kwangathi Angeza, kulobubusuku, futhi enze into ethize njengoba Enza ngaphambi kokufa kwaKhe, khona-ke sizokwazi, kulonyaka, ukuthi Uvukile kwabafileyo, ngokuba uma EnguJesu ofanayo, Uzokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo.

252 Manje, ngenkathi senza lokhu, ukulihamisha, ngifuna wena, uxhawule isandla somuny'umuntu, ohlezi eduze kwakho uthi, "Dadewethu, Mfowethu, ngizobe ngikukhulekela, ukuthi uzophulukiswa kulobubusuku, thola zonke izibusiso zikaNkulunkulu ozifisayo." Vele usho lokho lapho wena, komunye nomunye njengoba sikwenza.

Ngoba. . .

253 [UMfowethu Branham uyaqhela embhobheni ukubingelela abanye, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] (UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. . .?. . .UNkulunkulu akunike konke okufisayo. . .?. . .)

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

254 Ndawonye:

> Baba wethu, OseZulwini, malingcweliswe iGama laKho.
> UMbuso waKho mawufike. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini.
> Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
> Usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.
> Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba umbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kubephakade. Amen.
>
> Ng'ya . . .

255 [Udade ukhuluma noMfowethu Branham futhi unikeza ubufakazi—Umhl.] Hamba, Sis- . . . Yebo, Memu. Yebo, Memu. Amen. Makabongwe uNkulunkulu. Ngiyabonga.

256 Ukhona njalonjalo. Akamangalisi na? Khona-ke:

> Ng'yaMthanda, (Akamangalisi yini ukuphulukisa lelonenekazi na?) Ngi . . .
> Ngoba . . . mina
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

O, Uyamangalisa, Akanjalo na? Makabongwe uNkulunkulu, kumangalisa *kakhulu*. Kulungile.

257 Amakhadi omkhuleko, kusukela kwelokuqala . . . Nikeza amakhadi omkhuleko kwelokuqala kuya kwelamashumi amahlanu na? Elokuqala kuya kwelamashumi amahlanu, asithole nje ambalwa awo. Manje, sivele nje . . . Besingabiza kuphi . . . ? Awu, yiqembu elehlukile kulobubusuku, akunjalo na? Wuhlamvu olufanayo na? U-B no-C. Asibize ku-C, oyedwa ukuba sibone ukuthi singathola abangaki. Asibize owokuqala kuya kweleshumi, owokuqala u-B, noma, u-C, owokuqala. Elokuqala, ikhadi lomkhuleko lokuqala ubani onalo na? Phakamisa isandla sakho. Ngabe inenekazi lapho linalo na? Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko . . . ? Elesihlanu. Kulungile, elesihlanu. Ubani onelokuqala na? Mhlawumbe benginephutha. Ini? Kulungile. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Bamise khona lapha.

258 Nje, nina bantwana abancane yithani nje ukubuyela emuva ngasemnyango, *lapho*? Noma yenyukelani khona lapha, zithandwa, uma nithanda, uma nifuna ukwenyukela lapha emsamo. Ngiqagele lokho bekuyolunga.

259 Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, eleshumi nanye, eleshumi

nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Ake. . . Layinani kusukela kwelokuqala kuya kweleshumi nanhlanu, asiqale ngabo, ngoba thina, ngiyangabaza noma ningakuthola lokho okuningi phakathi lapho noma qha, lokho nje eningakuthola. Hhe? Utholaphi. . .? Elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu. (Manje, Mfowethu, uma ngi. . . kube yinhlanhla ukuba lapha, kulobubusuku. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.)

260 Kulungile. Bangaki esakhiweni manje ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho ufuna iNkosi uJesu ukuba ikuphilise na? Phakamisani izandla zenu. Ndawo zonke phakathi lapha ongezukuba semgqeni womkhuleko, phakamisani izandla zenu ogulayo. Kugcwele nje sonke isakhiwo. Ubunga. . . Manje, bukani, ngenkathi besathola, a—abantu bathola izindawo zabo, ngifuna nenze lokhu, ngifuna nisho kanje manje. . . Manje khumbulani, uma—uma Lokho—uma Lokho kungesilo iZwi likaNkulunkulu, khona-ke angiLazi. Leso yi—leso yisithembiso.

261 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, manje, Uzofanele enze ngokufanayo njengoba Enza, Ufanele abe yindlela kuwo wonke umgomo, umzimba wenyama kuphela, ngoba umzimba waKhe wenyama usenguMhlatshelo esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, futhi Uhlezi lapho nezingubo zaKhe—zaKhe ezinegazi ziyinhlawulo yezono zethu. Yena, qobo lwaKhe, usebenza njengomPristi oMkhulu ukwenza ukunxusela phezu kwalokho esivuma ukuthi Ukwenzile. Niyabo?

262 Manje, akusikho ngokuzwa, kungokukholwa. Niyabo? Ubungavele ushaye, futhi ukhale, nakho konke okunye, akusoze kwasebenza. Akusikho. . . Ngi. . . UJesu akazange athi, "Nikuzwile na?" Wathi, "Nikukholiwe na?" Niyabo? "Nikukholiwe na?" Ufanele ukukholwe, ngoba, niyabo, U. . . ungeke wenza iZwi Liziphikise, Lifanele lihambe ngokuphelele, njengalawomabloksi nezinto, niyabo, lifanele lihambe ngokuphelele, elinye lihlangana okwesisila sejuba nelinye, niwagamanxise. Niyabo? Ungeke wakwenza. Ngakho uKristu uphelele, kanjalo neZwi laKhe liphelele. Manje, UngumPristi oMkhulu ukuba enze ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, sivuma noma yini Asenzela yona, Ulapho phambi kukaBaba ukuyilungisa.

263 Bukani, uma uJona, esesiswini somkhomo, eboshwe izandla nezinyawo, nalo lonke ukhula lwasolwandle luzungeze intamo yakhe, ubuhlanzo bomkhomo, mhlawumbe amafathomu angamashumi amane ukujula emanzini, olwandle olunesiphepho, ebalekela uNkulunkulu, wayengaphenduka kulesosisu somkhomo futhi abuke zonke izimpawu ayenazo zimzungezile, futhi wazazi izimo zakhe, futhi wayesalokhu ethi ziyize lamanga, "Ngizophinda ngibheke ngasethempelini laKho elingcwele," futhi uNkulunkulu wamgcina ephila izinsuku

ezintathu nobusuku kulesosisu somkhomo. . . Uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na? IBhayibheli kuqala liyakusho, noJesu wathi kwakunjalo.

264 Manje, bhekisisani, uJona. . . UJesu washo laphaya emiBhalweni ukuthi isizukulwane esibi nesiphingayo sizofuna isibonakaliso. Ngabe kunjalo na? Futhi bayobona isibonakaliso, isibonakaliso sikaJona, "Njengoba uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo iNdodana yomuntu izoba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu." Khona-ke uJona waphuma esiswini somkhomo. Ngabe kunjalo na?

265 Manje, ngabe lesi yisizukulwane esibi nesiphingayo na? Kokubili ngokomzimba nangokomoya na? Ukuphinga ngokomoya, ukuphinga ngokomzimba na? "Esibi, isizukulwane esiphingayo sizokwemukela isibonakaliso." Kwakuyini na? Kwakuyisibonakaliso sini ngaleyonkathi na? "NjengoJona wayesesiswini somkhomo, wavuka, kanjalo neNdodana yomuntu imelwe ukuba se—sesiswini somhlaba, inhliziyo yomhlaba, futhi ivuke." Khona-ke isibonakaliso lesisizukulwane esibi nesiphingayo esiyosithola, siyoba yisibonakaliso sokuvuka. Ngabe kunjalo na? Isibonakaliso sokuvuka.

266 Manje, bekuyoba yini ngaleyonkathi na? Kuyoba nguKristu ovusiwe kwabafileyo, futhi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nokho ephila, esebenza nabantu baKhe, onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngabe kunjalo na?

267 Manje, bangaki balabantu abagulayo. . .? Bangaki abantu emgqeni womkhuleko owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisani izandla zenu, wena osemgqeni womkhuleko, uyazi ukuthi angikwazi, noma ngazi noma yini ngawe. Bangaki ezethamelini owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe noma yini na? Niyabo? Angazi namunye wenu, hhayi kulomugqa womkhuleko, ngizosho kuqala, phandle lapho.

268 Manje, kukhona abanye abantu lapho engibaziyo. Ngiyakwazi lokhu, lezi, lokhu, cishe kusukela kulokho—lokho, kuleyontombazane encane enekhanda elibomvu lapho, ngalendlela, ngiyalwazi lolohlu lapho. UMfowethu noDadewethu Dauch, labo ababili emva kwabo, ngiyabazi, ababili emva kwabo, ngiyabazi. Khona lapha, kuloluhlu, khona lapha. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine emuva, ngiyabazi. Manje, ngiyakholwa, uma ngingaphosisi, uma lowo kungesuye uMfowethu noDadewethu Outlaw ohlezi khona emuva lapha, baseBandleni iJesus' Name, noMfowethu noDadewethu Sothmann, idikoni elivela ebandleni lami eJeffersonville, noma, umphatheli, njalo, ebhodini.

269 Manje, a—angazi, ngiyakholwa khona lapha kulelikhona, ohlezi khona lapha, lensizwa nentombi, ngikholwa ukuthi lowo ngumlamu kaMfowethu Norman, ngiyakhohlwa ukuthi

ubani igama lakhe, kunjalo. Ngaphandle kwalokho, angazi. UMfowethu Williams noMfowethu Rose, futhi nje ngihlangane nalomfowethu lapha, futhi lokho kungukuthi, ngaphandle kwalokho, a—angazi muntu. Ngikholwa ukuthi unguDadewethu Ungren, awunjalo na? Downing, Downing, kunjalo, ovela eMemphis. Kulungile. Ngi . . . Manje, ngaphandle kwalokho, nendodana yami, angisayiboni ngisho manje, ngakho, noma ngabe ikuphi, yilowo kuphela engazi ngaye.

270 Manje, yiliphi inenekazi lokuqala emgqeni na? Wena lapho na? O, wena lapha na? Uyinenekazi lokuqala. Kulungile. Ungasukuma nje lapha umzuzwana na?

271 Manje, nakhu kumi owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami. Manje, ukuba bengizothi, "Nakhu kuhlezi indoda, ihlezi lapha esihlalweni esinamasondo, ibambe ingalo yayo, kubukeka sengathi ibikhubazekile noma okuthize." Niyabo? Angazi ukuthi kuyini, kukhubazekile. Uma bengingathi, "Leyondoda ikhubazekile," noma ubani angakubona lokho. Niyabo? Kodwa nangu owesifazane ubukeka ephilile futhi enamandla. Manje, iphi inkathazo yakhe na? Yilapho isimangaliso sakho sifika khona, uyabo, yilokho-ke, niyabo, into ethize.

272 Manje, uma—uma, awu, mina, ukuba bengingabona omunye umuntu wonke obedonswe phakathi, isifuba sabo sicwile sonke phakathi, bekhwehlela, manje bengingathi leyo bekuyiTB, lokho bekungaba ukuqagela. Niyabo? Futhi lowomuntu angahle athi, "O, qhabo, anginayo iTB." Niyabo? Futhi kungahle kufakazelwe ukuthi abanayo iTB. Niyabo? Awukwazi ukusho. Kodwa lapho uNkulunkulu esho noma yini, iqinisile. Kuhlala njalo kuqinisile, kuhlala kuqinisile.

273 Manje, manje, lona wesifazane angahle ukuba nje uyazenzisa, angahle nje ukuba usho okuthize, angahle angaguli ngisho, kungahle kungabibikho-nkinga ngaye. Awu, a—angikwazi lokho, ngeke ngasho. Uma nje emi lapho, ungakhathazeki, kuzobizwa emizuzwini embalwa, niyabo, uzokwazi, uzothola. Bangaki oseke waba semhlanganweni futhi wakubona lokho kwenziwa na? O, bakithi, ngibone abangaphezu kwamakhulu amabili noma amathathu befa ngakho. Niyabo?

274 Ngazi indoda, kulobubusuku, ihlezi ikhubazekile, ibingaleyondlela iminyaka eminingana. Ngenkathi ngisenhla lapho eMzini iZiyoni, ngenkathi leyondoda ihlezi emuva lapho, izama ukungithwebula phambi kwalabobantu, ngaqhubeka nje ngizama ukuqhuba umugqa womkhuleko, futhi yayilokhu ihlezi lapho, (Yayiya emakamu ezempi, niyazi, ya—yayiyokwenza abafana, ibathwebule, ibenze bakhonkothe njengezinja, niyazi, futhi benze kanjalo.), ngangilokhu ngizwa lowomoya oxakile. Futhi babe—babeyingenise lapho, ibandla elejwayelekile.

275 Ngobusuku ngaphambi kwalapho, kwakukade kukhona i— indoda efikayo eyayingeyehlelo *elithize*, yenyukela lapho, futhi yayibhale ekhadini layo lomkhuleko, “NgineTB, u*s’bani-bani*,” nakho konke kanjalo, yayicabanga ukuthi kwakungu—ngu— ngukufunda ingqondo.

Ngakho banikeza ikhadi lomkhuleko kumngenisi lapho enyukela emsamo, nendoda yenyukela lapho ngase ngithi, “Akukho lutho olungalungile kuwe.”

Yathi, “O, yebo, ikhona, buka ekhadini lami lomkhuleko.”

Ngathi, “Angikhathali ukuthi ikhadi lomkhuleko lithini, akukho lutho olungalungile kuwe.”

Yathi, “Awu, buka, ngineTB, no*kuthi nokuthi*,” kanjalo. “Buka kulelokhadi lomkhuleko.”

Ngathi, “Angilibuki lelokhadi lomkhuleko, ngibuka ngaseZulwini.” Niyabo?

Futhi yathi, “Awu, yileyo indaba ngami.”

276 Ngathi, “Awu, mhlawumbe, ungahle ukuba ubenakho phansi lapho, uma unakho, awunakho manje, ngoba wena, akukho nje lapho.” Futhi yathi . . . Ngathi, “Ungahle ukuba uphulukisiwe ezansi lapho.”

Yathi, “E-hhe! Yilokho okucabangayo, ‘Uphulukisiwe ezansi lapho.’”

277 Ngacabanga, “Yini indaba ngalendoda na?” Ngaphenduka ngase ngibuka futhi, kwabakhona umbono owabhoboka phambi kwayo, ngathi, “Wena mkhohlisi! Ungowebandla *elithile*. Izolo ebusuku uhlale naleyondoda khona phezulu *lapho* enesudu ebomvu . . . enothayi ebomvu nesudu emnyama. Futhi wena . . . Lowo ngumkayo ehlezi khona nga*le* kulelikhona, nomkakho. Futhi ubuhleli ngasetafuleni elalinendwangu eluhlaza ilizungezile, futhi wanquma ukuthi ubuza lapha ukuzokwenza lokho ukufakazisa ukuthi lokhu bekungukufunda ingqondo.” Ngathi, “Izinto onazo ekhadini lakho iphezu kwakho.” Yafa cishe emavikini ayisithupha emva kwalokho. E-hhe. Ungalokothi ukwenze lokho.

278 Lendoda, amaviki ambalwa emva kwalokho, ubusuku obumbalwa emva kwalokho, yayihlezi lapho izama ukungithwebula, kanjalo, futhi ngangilokhu ngizwa lowomoya oyinqaba, ngathi, “Ngiyacela, wonk’umuntu, gcina ikhanda lakho libheke phansi, hlonipha ngokuzithoba.” Ningizwile ngisho lokho isikhathi esiningi, ngibhekisisa umoya, niyabo. Futhi khona-ke yayilokhu yenza lokho, futhi yenza lokho, futhi ngokuqonde ngqo, yaphenduka *kanjalo*, ngathi, “Kungani udeveli efake enhliziyweni yakho ukuba wenze lokhu na?” Ngathi, “Uhambe wangena, kodwa bazokuthwala bakukhiphe.” Futhi bakwenza. Kunjalo impela.

279 Isakhubazekile. Kunjalo. Yavele yasukuma, yayigongobele, kwakul'khuni ukuba inyakaze. Futhi ibhale incwadi emva kwencwadi, ebiza, "Woza." Akukho engingakwenza ngakho, leso yisono sayo uqobo, izofanele ilungise lokho noNkulunkulu. Akukho-nto, bengingebeke isandla sami phezu kwayo ngeze. Niyabo?

280 Kuthiwani ngaleyondoda ePhoenix, ezansi lapha, ngenkathi kuqala ngilapha ngalesosikhathi na? Niyakhumbula ngapha endaweni, ukuthi—ukuthi yayingeke ibhekise ikhanda layo phansi na? Futhi bangidonsela phezu kwayo izikhathi eziyidazini eCalifornia, ihlezi laphaya, intshebe yonke indawo, ngokusemthethweni lapha edolobheni, intshebe igcwele ubuso bayo, kanjalo, ihlezi lapho ithi, "Aa, aa," kanjalo, kungenangqondo nhlobo, umoya omubi wakhishwa koyedwa futhi wangena kuyo. Kunjalo. Khona lapha ePhoenix, uhambo lwami lokuqala. Kunjalo. Niyabo, nifanele nje niqaphele, manje, asidlali isonto.

281 Kunjengoba kwakunjalo nje ezinsukwini zikaGideyoni, isikhathi sokudlala isonto sesiphelile, sifanele silungele ukuhlangana noNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Hamba ngapho, usayine igama lakho ethikithini, futhi ujoyine ibandla, konke lokho kuphumile. Khumbulani lezizinto zizosuka komunye ziye komunye, impela zizokwenza.

282 Owesifazane angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami, ngokwazi kwami. Yena, uma egula, angazi lutho ngakho. Ngabe ufuna umkhuleko womunye umuntu na? Angazi lutho ngakho, kuphezulu nje, kukuNkulunkulu ukusho njalo. Kodwa uma Ezosho njalo, makabe ngumahluleli ukuthi ngabe kulungile noma qha.

283 Nizokholwa, khona-ke, ukuthi ukuFika kukaKristu kuseduze, nalowoMoya oNgcwele ofanayo, lowoNkulunkulu ofanayo, owayesezansi lapho eSodoma, nguNkulunkulu ofanayo Obonakala emuva lapha kwabesilisa nabesifazane, kulobubusuku na? Uyakukholwa lokho, izinto Azisho na? Kukholwe, kukholwe.

284 Manje, ngifuna abuke ngendlela abuka ngayo, ukuze ningaboni, nicabange ukuthi bengifunda-. . . Noma ubani . . . Abantu bathi ngifunda umqondo wabantu. O, ngokuba . . . Noma ubani owazi ngisho nento yokuqala yalokho, uyazi ukuthi lokho ngokumsulwa . . . Ngani, ukufunda umcabango kungukuthi, uqagela inombolo futhi ake ngiyiqagele nami. Niyabo? A—ayikho into enjengaleyo. He! UNkulunkulu akasikho ukufunda ingqondo.

285 Babiza uJesu ngoBelzabule ngoba Wakwenza, bathi Wayengumbhuli, udeveli. Wathi, "Ngiyanithethelela ngakho, kodwa ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa,

lelizwe, noma iZwe elizayo." Ngakho niyabona ukuthi kusibeka kuphi na? Uyakuqonda lokho, awukuqondi, Dadewethu na? Sonke siyakuqonda.

286 Manje, angisho ukuthi Uzokwenza, ngethemba ukuthi Uzokwenza, ngoba angikwazi, nawe awungazi, futhi lapha simi lapha, kulobubusuku. Futhi ukuba benginamandla oku, uma ugula futhi benginamandla okukuphulukisa, bengiyokwenza. Uma ngikutshelile, bengiyoqamba amanga. Into kuphela engingayenza ngukukutshela ukuthi iZwi liyasho ukuthi ngemivimbo yaKhe uphulukisiwe. Kunjalo, uphulukisiwe.

287 Nginganitshela manje, owesifazane akasiso isoni, ungumKristu. Ya, unokungqangqazela okuhle emoyeni wakhe. Niyabo? U—ungumKristu, futhi uhlushwa yisifo samathambo. Kunjalo, akunjalo na? [Udade uthi, "Yebo. Kusukela ngokuhlinzwa."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Nalokho kuhlinzwa kwakungukuhlinzwa kwenyongo, khona-ke ngenkathi wawunalokho, wawusaba kancane ukuthi—ukuthi lokho kuhlinzwa kwakunento ethize yokwenza ngalokhu, futhi bewulokhu ukhathazeke kakhulu kusukela lapho. Unenqwaba yezifo ezelakanyanayo manje. Kunjalo. Manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise na? Vele uhambe usuke nje emsamo bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," futhi uqhubeke. Amen.

288 Sawubona, Nenekazi? Asazani, uNkulunkulu usazi sobabili. Kodwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Akusikho okwakho, kungokomunye umuntu, umshana wakho. Hamba ukholwe.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

289 Woza, Nenekazi. Manje, sekuqalile ezethamelini. Manje, ukukholwa kwakho sekuqale ukuphakama, uyabo, ungakuzwa, wena, nje—nje Into ethize iyadonsa, niyabo. Yonke into, ngibuka phandle lapho futhi nje kubukeka sengathi igumbi liqala ukuphenduka njengelambu eliphuzi, niyazi, ngiqalaza nje.

290 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho bekungeke kukuthinte kanjalo." Uma owesifazane oyedwa omncane athinta umphetho wengubo kaJesu futhi wenza iNdodana kaNkulunkulu ibe buthakathaka, bekuyokwenzani kimi, isoni esisindiswe ngomusa waKhe na? Niyabo? Yiba nokukholwa nje.

291 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi, kodwa uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo na? Futhi uyakholwa ukuthi engikushilo, kuyisiqinisekiso salokho uNkulunkulu akuthembisile na? Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Inkathazo yakho isohlangothini lwakho. Kunjalo. Ube nokuhlinzwa, umdlavuza. Wehlele phansi kakhulu. Kunjalo. Uyazibuza

ukuthi yini engalungile. Kodwa uzosinda manje. Awu, uNkulunkulu. . .?. . .manje, uma Engakutshela obekuyikho. . . Ngabe lokho bekuyiqiniso na? Awu, uma Engakutshela obekuyikho kuyiqiniso, khona-ke Akushoyo esikhathini esizayo kuyiqiniso. Niyabo?

Sawubona? Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye, angikwazi. Ngabe okomfana na? Kulungile. Umzuzwana nje.

292 Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi Uzokufezekisa konke okunye kwakho, uma nje ungaMkholwa.

293 Wesule amehlo akho-ke, Dadewethu, ukhuleka. Kodwa inkathazo yamathumbu isikushiyile. Kholwa nje manje, ngayo yonke inhliziyo yakho. Yiba nokukholwa. Uzizwa wehlukile vele, awunjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone.

294 Ngifuna ukunibuza, Uthinte bani owesifazane na? Akazange angithinte, ukude kakhulu, niyabo. Kodwa uthinte umPristi oMkhulu, kunjalo, uthinte umPristi oMkhulu.

295 Ushisekele ngomfana, uhlobo lwenso, isinye. Ngabe umyeni wakho usemkhulekele namanje na? Ufanele, engumfundisi. Uzophila, ungakhathazeki.

UJesu akasuye yini izolo, namuhla, naphakade na?

296 Niyakubona lokho kuKhanya okulenga phezu kwendoda lapho ekhulekayo na? Lezozinhlungu zekhanda, ziyakuyeka, futhi uzoba kahle manje. Ungangabazi nje, yiba nokukholwa, konke kuzohamba. UbuMkhulekela ukuba enze lokho, bekungenjalo na? Kunjalo, uthi, "Nkosi Jesu, yiba noMfowethu Branham angibize." Kulungile. Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, konke sekuhambile.

Lokho kubangele indoda esemva kwakho, kholwa. Leyonkathazo ezinyaweni zakho izosuka nayo, mfowethu, uma u. . .

297 Angaphulukisa isifuba somoya futhi, Angeke na? Asiphilise. Kulungile. Hamba nje uMkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Yiba. . .Ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile.

Uyakholwa phandle lapho manje na? Ungangabazi. Kunomoya oyinqaba ongena lapha, ngithemba ukuthi iNkosi uJesu izokulungisa. Kulungile.

Kulungile. Qhubeka, ukholwa manje, Dadewethu.

Kulungile, Mfana omncane. Kungokwakhe na? Ku. . .Yebo. Uthini na? Yebo, qhubeka ngqo futhi kuzomshiya, isifuba somoya, futhi uzophila futhi asinde.

Kulungile. Uyakholwa, Dadewethu na? Inkathazo yabesifazane izolunga. Hamba, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

Yiba nokukholwa manje.

Woza, Dadewethu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphulukisa inkathazo yenhliziyo na? Angayiphulukisa neyakho futhi, Angeke na? Ngakho hamba nje ukholwa . . .? . . .

298 Sawubona, Mnumzane na? Uyafuna ukuyodla isidlo sakho sakusihlwa na? Qhubeka udle. UNkulunkulu akubusise. Konke sekuhambile, ukwethuka, inkathazo yesisu isihambile, konke sekuhambile. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

299 Uyindoda enkulukazi ebukeka iyisidlakela, ukuhlushwa ukwethuka, kodwa kuyilokho-ke. Kuzokushiya manje. Hamba ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

300 Leyondoda ehlezi emuva lapho nalelothunzi elimnyama, nalowomfana omncane ehlezi khona emuva lapho enesithuthwane, uyakholwa, Ndodana, ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyafuna ukukukholwa na? Kulungile, yiba nokukholwa kuNkulunkulu futhi kuzokushiya.

Haleluya! Uyakholwa na? Amen.

301 Ukhulekela umfanyana, qhabo, uyakhuleka, lowo wesifazane ongumMexico, ekhulekela indodana enomdlavuza, engasindisiwe. Uma uzokholwa, uNkulunkulu uzokunakekela. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. E-hhe.

302 Ubuhlungu phakathi kwamajoyinti, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunakekela ubuhlungu phakathi kwamajoyinti, uhlezi ngqo phambi kowesifazane lapho obenokuqubuka kobuhlungu phakathi kwamajoyinti, nobabili nihlezi ndawonye, kholwa ngayo yonke impilo yakho, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungaba nakho onakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

303 Lowomfana laphaya enesithuthwane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunakekela lokho na? Lowomfo omncane ohlezi ngaphakathi, lowomfana ohlezi lapho, beka isandla sakho phezu kwakhe, Mnumzane. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

NgeGama likaJesu Kristu, phuma kuye, Sathane! Ungeke wacasha.

304 USathane akakwazi ukufihla lutho manje, uBukhona beNkosi bulapha. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Kuyini na? Kholwa, sebenzela eZwini laKhe uma ufuna ukubona isibona- . . . "Uma uNkulunkulu enathi ziphi izimangaliso zaKhe na?" Nazi! UNkulunkulu unathi. Amen. UNkulunkulu unathi.

Nasi isibonakaliso sokuthi Uyaphila, into efanayo Ayenza ngaphambi kokuba Afe. Uvukile kuze kube phakade.

305 Manje, ngabe u . . .? Ningamakholwa na? Phakamisa isandla sakho. O, he! Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ungazikhulekeli wena, khulekela umuntu olandelayo. Hamba nje uyokhuleka, ukhuleke nje, "Nkosi Nkulunkulu, phulukisa lomuntu, omunye umuntu." Yilokho-ke, kholwa manje.

306 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, eGameni leNkosi uJesu Kristu, sicela ukuthi amandla kaNkulunkulu ashanelisise kulesisakhiwo manje, njengokuvunguza komoya onamandla futhi ugcwalise yonke lendlu, futhi ugcwalise lababantu ngoMoya oNgcwele wamandla ukuba bakholwe ukuthi uNkulunkulu usaphila futhi uyabusa.

Sathane, phuma kulendawo, phuma kulababantu, ngiyakuyala, eGameni likaNkulunkulu oPhilayo. Amen.

307 Makubambelele, makuzike. Mkholwe. Angehluleka kanjani na? Angehluleke. Uma Engama lapha emsamo futhi enze lokho, Angakwenzela okuningi kangakanani na?

308 "Mfowethu Branham, ukwenza kanjani lokho na?" Lelo yiZwi laKhe. Lelo yiZwi qobo lwaLo libonakaliswa. IZwi lizozibonakalisa Lona uqobo kuwe, uma uzoLikholwa. Susa amafu okungabaza, iNdodana iyakhanya, iN-d-o-d-a-n-a iyakhanya, amandla aYo alapha egumbini ukunisindisa nonke. Amen.

309 Niyakukholwa na? Yonke inhliziyo yakho na? Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, sukuma futhi ukwemukele, eGameni likaJesu Kristu. Phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, niMnike udumo.

Kulungile, Melusi . . .? . . .

